# KHOLWA KUPHELA

. . .?. . .UNkulunkulu uniphile, ngakho ndawonye singakhonza iNkosi uJesu. (Ngiyabonga. Yilokho-ke, nje . . .)

2 O, ngijabule kakhulu namhlanje, ezingxoxiswaneni zangasese, ukuthi iNkosi yenze kanjani ezinye izinto ezinkulu, futhi nje ngibonga kakhulu ngakho. Futhi manje, kusasa ebusuku, e, kusasa nguLwesihlanu, bengicabanga ukuthi kusasa bekunguMgqibelo. Ngeke sifune ukukhohlwa iBusiness Men's Breakfast izobanjelwa lapha, ngiyakholwa kulesisikole. Futhi ngiyacabanga, babathengisela amathikithi, abakwenzi yini, noma okuthize na? Futhi bona, ngiqagele, wonke umuntu uyaqonda nje ukuthi uwathola kanjani a—amathikithi, kanjalonjalo, okwesidlo sasekuseni.

3 Singajabula uma ungeza futhi ubone, e, uzizwe uholeleka ukuba uze. Manje, uBilly uhlala engitshela, wathi, "Kukhona into eyodwa oyenzayo, Babayi, ngukukhandla abantu. Bakhandlekile empeleni," wathi, "bebehleli lapho amahora. Ushumayela isikhathi eside *kakhulu*."

4 Futhi ngathi, "Awu, Ndodana, ngizozama ukukwenza emhlanganweni waseChicago." Ngathi, "Ngizocupha iwashi lami njalo emizuzwini engamashumi amabili, bese kuthi-ke lapho likhala, ngizoyeka ngaso lesosikhathi, bese ngibiza umugqa womkhuleko."

Futhi wathi, "Ungahle ungalicuphi, ngoba angeke kusebenze . . . "

5 Niyazi lakhala kabili noma kathathu, futhi lakhala laze lathula nje, angizange ngazi. Ngenza umsindo omkhulu kakhulu phezulu lapha, ngani, a—angizange ngilizwe ngisho ngenkathi likhala, futhi ngakho nje ngifanele, nje, ngiyethemba anginiciki, niyazi, angi—angizeli lokho lapha. Ngi—ngiyeza, futhi ngiMthanda kakhulu, futhi ngiyazi sinokuningi kakhulu obekufanele kwenziwe, ngaso lesisikhathi, futhi ngizama nje ukuphusha okuningi kakhulu kwakho ngobusuku obubodwa, niyabo, futhi ngingazi nje ukuthi sikhathi sini esizobizwa ngaso. Bese kuthi-ke ngiyacabanga, awu, angazi ukuthi sikhathi sini engizobizwa ngaso, futhi akukho namunye wethu okwaziyo lokho, futhi ngakho sesingavele senze esingakwenza, ngenkathi sisengakwenza.

6 Ngimzwile umama wami . . .Angikaze ngibe semdansweni empilweni yami, kodwa ngezwa . . .kuphela u—umdanso ongcwele ngesinye isikhathi ebandleni, angikukhohlwa neze lokho, ngenkathi sasiseyibandla leBaptisti. Ngangihlala ngigxeka njalo, ngithi nje, enhliziyweni yami, bengingeke

ngakusho kuzwakale, ngoba ngi—ngiyokwesaba ukwenza lokho, noma yini uNkulunkulu ayenzayo.

7 Ngangi, njalo ngangithi ukucabanga ukuthi kwakuthi ukuxaka ukubona, ngenkathi ngibonile, ngiqala ukujwayelana nabantu bePentecostal, ngibabona besina, niyazi, besina bezungeza. Ngacabanga, "Manje, niyazi, lokho akukho eBhayibhelini." Ngathi, "Awu, basinela ini na?"

8 Kwase kuthi-ke ngobunye ubusuku ngangifundisa eshadini ngoDaniyeli neSambulo, kwakungubusuku boNyaka oMusha, ngangizofundisa eshadini kuze kube maphakathi nobusuku, kwakungesilo ishadi, njengebhlekbhode, ngangifundisa. Futhi—futhi kwakukhona abanye abantu bePentecostal ababezile bevela eLouisville. Babene, o, abanye odade, udade wayelusa ibandla laphaya futhi wayene, babenamabhodi okuwashela, nezivikela-munwe, na—nazo zonke izinhlobo zezinto ezincane ukwenza umsindo ngazo, futhi—futhi konke kwakuvumelana ngandlela-thize, angazi ukuthi kwakuyini, futhi bona, futhi waqala ukudlala upiyano, nawo onke lamantombazane enhla lapho aqala ukushaya ngalezizinto ezifakwa ezithupheni emabhodini okuwashela nezinto.

9 Futhi—futhi ba—babene, babedlala leloculo, "Kuzoba nomhlangano emoyeni, masinyane ngokushesha," noma okuthize. Awu, leyontombazanyana eyayidlala, umelusi oyinenekazi elincane, lavele laphenduka laba mhlophe, o, njengoshoki nje. Futhi liqala nje ukuludlala ngendlela yokuthi, angikwenzi, angikaze ngibone noma yini idlala njengalo empilweni yami. Futhi ngacabanga, "Manje, yini leyo na?" Kwase kuthi-ke, oyedwa ebhodini lokuwashela, waqala ukwenza into efanayo. Khona-ke lapha, ababili noma abathathu basukuma, nekhanda elincane elimhloshana laqala ukusina ngqo kwiphansi, ngacabanga, "O, he!"

10 Ehla enyuka ngqo kwiphansi lendlu, ngamandla akhe onke, esina ehamba nje, *kanjalo*, intombazane endadlana, cishe ishumi nesithupha, iminyaka eyishumi nesishiyagalombili ubudala. Ngangingumfo osemncane nje mina uqobo. Futhi mina, "Manje, akusiyo into ethize leyo na? Khona lapha ebandleni lami. Ngiyoke ngikuphile kanjani lokho ezansi!" Niyabo? Futhi ngimbhekisisa kanjalo. Futhi ngacabanga, "Bakwenzela ini lokho na? Kungani bedingeka ukuba benze lokho na? Kungani bengawudlalanga nje umculo wabo futhi baqhubeke futhi bawuyeke wodwa, kanjalo na?" Ngacabanga, "Awu, lokho kubi kabi."

11 Ngaqala ukucabanga, "Manje, eBhayibhelini ngabe ikhona into okuthiwa ukusina na?" Futhi ngakhumbula ukuthi uDavide wasina wazungeza umphongolo, ngenkathi ebona umphongolo uza. Niyabo? Wasina phambi kweNkosi, neNkosi yathi,

"Ungumuntu wenhliziyo yaMi uQobo." Ngacabanga, "Awu, manje, lokho yi . . . u . . . Wasinela ini na?" Awu, babenokunqoba.

12 NoMiriyamu, ngenkathi bewela uLwandle oluBomvu, uMose wacula eseMoyeni, noMiriyemu wathatha ithamborini, uqala ukuyishaya, futhi basho bakhuphuka, behla ngasogwini, onke amadodakazi akwa-Israyeli, esina eMoyeni. Niyabo? Futhi ngibonile ukuthi ukusina kwakungenkathi beba nokunqoba.

13 Ngacabanga, ngaqala ukucabanga, "Awu, mhlawumbe, anginakho ukunqoba, okwenele." Niyabo? Ngaqala ukucabanga ngakho, futhi niyazi, emva kwesikhashana ngaqaka ukumbambatha unyawo lwami phansi, futhi ngaphambi kokuba ngikwazi ngangilaphaya ngisina naleyontombazane, laphaya esikhaleni esiphakathi nezihlalo.

14 O, ngasengimakiwe ngaleyonkathi. Ngiyakubona nje ukuzwakalisa kobuso balabobantu namanje, ngibona umelusi wabo laphaya kwiphansi enalokhu, leyontombazanyana isina izungeza, lapha ngangilaphaya ngqo, nami. Angikaze ngibe sesiyingini sokusina empilweni yami, kodwa ngangifanele ngikubuyisele emuva bese ngithi, "Kwakuku*lowo*," kodwa lokho kwakuyiphansi lesonto. Ngakho ngenkathi si . . .

15 Niyazi, konke udeveli anakho, wa—wa—wakukopela entweni ethize *yangempela* uNkulunkulu anayo, yilokho kuphela, impela nje. Udeveli akakwazi ukudala, ungumphendukezeli nje walokho okudaliwe, niyabo. Ngakho angeke adale, akasuye umdali, ungumphendukezeli.

16 Kuyini—kuyini ukungalungi na? Ngukulunga kuphendukezelwe. Niyabo? Kusemthethweni ukuba indoda ithathe unkosikazi, futhi—futhi ibe ngu—ngumyeni kuye ebudlelwaneni bomndeni. Kodwa owesifazane ofanayo, e, omunye wesifazane esenzweni esifanayo, kuyamlahla ngecala, futhi kuthumela umphefumulo wakhe le, niyabo, kuyiphutha. Kuyini na? Ukulunga kuphendukezelwe. Niyabo? Futhi kuyi . . .

17 Iqiniso lihlala njalo liqinisile. Yini amanga na? Yiqiniso liphendukezelwe, niyabo, kwenza amanga. Ngakho yileyondlela sonke isono esiyiyo, ngukulunga kuphendukezelwe.

18 Ngakho ngenkathi ngangivamise ukuzwa umama wami ethi, wayevame ukuya emidansweni kokudala, yena noBabayi kulolohlobo lokuthi, niyabo, bona, babenodlala ivayolini omdala wayefika, ame ekhoneni futhi adlale ivayolini nalabobantu baseKentucky, noBaba, wayengenamali, niyazi, ufanele ube nemali encane ukuba ithi khence-khence emaphaketheni akho, futhi ngimbonile eya ekegeni, athathe izipikili, azifake emaphaketheni akhe, niyazi, futhi wayedansa azungeze, yena noMama, futhi babewina imiklomelo. Ngiyambona endonsela ngaphandle isiketi sakhe *kanje*, niyazi, nalowomdanso wokugxumagxuma, niyazi, macala onke, azungeze omunye kanjalo. Futhi ngangibona uBaba, ngacabanga, "Lowo ngu—

lowo nguBaba omubi, lezozipikili, leyo akusiyo imali," niyabo. Ngangazi ukuthi wayengenamali, wayenezipikili ephaketheni lakhe, etshikiza phansi naphezulu kanjalo, niyabo.

19 Futhi babekwenza lokho kuze kuthi ngqu kuze kube sekusemini. Futhi abanye babantu bashiya ikhaya, i . . . O, a, o, abantu baseKentucky babeza, futhi babeba nemidanso besuka kwenye indlu baye kwenye. Bese kuthi-ke, babeya ekhaya ekuseni, bephethe izicathulo zabo ngezandla zabo, ngoba izinyawo zabo zazibuhlungu kakhulu ngokudansa.

20 Awu, uma ungamenzela lokho udeveli, pho kungani ungahlali, futhi asishumayele ubusuku bonke, futhi nje sidumise uNkulunkulu, futhi—futhi singene eMoyeni, futhi, niyabo? Impela. Uma lokho—uma lokho kungokokwehlukana okuPhakade, kuthiwani ngokuPhila okuPhakade na? Asi . . . Singakuthakasela *lokhu* kakhulu kangako, kakhulu kunalokho ebesifanele sikuthakasele *lokho*, kusobala. Kodwa uSathane ubengasikhandla ngalokhu, ngokukhulu ukushesha, noma asitshele ukuthi besikhathele kakhulu. Kodwa ngiyanitshela, ube nesikhathi esibi kabi nami, angikhandle kukho.

21 Ngiyakhumbula ngenkathi ngiphulukiswa enkathazweni yesisu, yena, uSathane wathi, "Ngani, kungcono ungadli," wathi, "ngoba udokotela wathi uma udla, uyofa. Ubunesisu esinezilonda ngaphakathi, futhi wathi bekungesisodwa nje esikhulu, isilonda ngaphakathi esiswini esinegazi."

22 Kodwa iNkosi yathi Yangiphulukisa, ngakho ngadingeka ngithathe izwi lomunye umuntu, ngakho nga—ngathatha iZwi likaNkulunkulu. Futhi ngakho-ke, o, kuthi ukungishisa! Nganginjalo nje, amanzi ashisayo ephuma emlonyeni wami, futhi ngakho-ke, izinsuku ezimbili noma ezintathu, ngangihambahamba ngibambe isisu sami *kanje*.

Wathi, "Uzizwa unjani, Mnu. Branham na?"

Ngathi, "O, ngizizwa ngikahle," nginyathela endleleni kanjalo.

23 Omunye wathi, "Uqambe amanga." Angizange, ngangenza ukuvuma. *Ukuvuma* kusho ukuthi, "yisho into efanayo." Ngemivimbo yaKhe, ngaphulukiswa, ngakho lokho kungukuthi, lokho kuyakwenza, niyabo. Ngangenza ukuvuma.

Futhi ngakho-ke, uSathane wathi kimi, wathi, "Uletha ihlazo."

24 Ngathi, "Manje, buka lapha, mfo omdala, uma—uma ujabulela ukungizwa ngifakaza, namathela ngapha, kodwa uma ungakwenzi, usengavele ubaleke, ngoba ngi—ngizofakaza noma kanjani." Ngakho yilokho-ke, ufanele nje umazise ukuthi umi ngakuluphi uhlangothi, bese-ke wenza ukuma kwakho, bese-ke ume.

25 Futhi yileyondlela nje esifanele siyenze njalo, ngukufinyelela lapho esazi khona ukuthi siqinisile, futhi khona-ke unokukholwa kulokho, ungeke waba nokukholwa ngaphandle uma wazi ukuthi uqinisile. Ungazami ukwenza lokho ukuba umkhohlise, manje, angeke akuthathe ukukhohlisa kwakho. Niyabo? Ungamkhohlisi. Kodwa lapho ukukholwa ngempela, awukhohlisi-ke, kukhona osekuvele kufakazile kuwe, futhi khona-ke u—khona-ke uqinisile.

26 Angikhathali, ungahle ungabi, akekho ongalokothi abeke izandla kuwe, ungahle ungalokothi uzwe lutho, kodwa inqobo nje uma into ethize ikuqinisekisile enhliziyweni yakho ukuthi yiZwi likaNkulunkulu nentando kaNkulunkulu ngawe, yilokho kuphela okudingekayo. Futhi izikhathi eziningi, leziziphiwo nezinto, ziyakhuthaza nje.

27 Ngibhekisisa umshumayeli oyiBaptisti ehlezi lapha phambi kwami, kulobubusuku. Uma ngingaphosisi, ngabe lona uMnu. Daulton, ohlezi lapha, ovela eSomerset, eKentucky na? Bengicabanga ukuthi bekunguye. Ngiyamkhumbula uMfowethu Ed Daulton. O, he! UmBaptisti, kunjalo. Futhi uyenyuka, futhi, kodwa wakholwa, futhi wenyukela ebandleni, futhi wemukela uMoya oNgcwele, futhi wabuyela emuva wehla. Futhi kusobala, bonke akhelene nabo bamenzela phansi, njengokwejwayelekile. Futhi ngakho-ke, khona-ke ngenkathi uMoya oNgcwele usuphawulile e, lokho esikubhekile ukuba kwenzeke noma ngasiphi isikhathi manje, esinye isiphiwo esizokwengezwa ebandleni, futhi siyinto emangalisayo.

28 Futhi siye sa…Mhlawumbe nizifundile izihloko emaphepheni ethu ezenkolo ngakho, ngezingwejeje, nokunye nokunye. NoMfowethu Daulton wayenabantwana ababili. Awu, ngiyacabanga, bangaki na? Cishe abantwana abayisishiyagalombili, ngicabanga ukuthi ku…? Abantwana abayisishiyagalolunye, abantwana abayisishiyagalolunye, futhi izinjejane, futhi niyazi ukuthi banjani, uhlobo lwe…Nobaba ompofu nomama, ukuthi bakhuleka kanzima kanjani, ukuthi uNkulunkulu asindise abantwana babo.

29 Ngolunye usuku etabernakele…Wayebone uMoya oNgcwele ukhuluma nowesifazane futhi umtshela, "Cela nje okuthandayo, khona manje, futhi uNkulunkulu ungitshele ukuba ngikunike."

Wathi, "Ngifanele ngicele ini na?"

30 Ngathi, "Awu, unodade okhubazekile ohlezi lapha, obekhubazekile kusukela ekuzalweni." Futhi kukhona indoda ehlezi lapha, kulobubusuku, uBanks Wood, owayehlezi nami ngqo, igama lowesifazane nguNkk. Wright. Ngase ngithi, "Unobaba nomama asebekhulile; niphila ngemali engaphansi kwamadola angamakhulu amabili ngonyaka kulelo elincane, ipulazi elimpofu, laphaya, owesifazane ongumfelokazi."

Ngathi, "Ziningi izinto obungazicela, Dadewethu Hattie, kodwa," ngathi, "yena impela uNkulunkulu owangitshela ngalezozingwejeje ngenkathi ngikhuluma, lezozingwejeje zazimi khona lapho, futhi wenza lokho izikhathi eziyisikhombisa ezilandelanayo, zimi khona lapho, lapho obuka khona futhi ukubone, lapho kwakungenakwenzeka nje ukuba eyodwa ihlale odongeni *lapho*, eqinisa nje okuthize," futhi ngathi, "Ungitshela ukuba ngikubuze lokho okuthandayo. Uthe uyokucela, ukuba mina ngikusho."

Wathi, "Awu, ngifanele ngithini na?"

Ngathi, "Cela noma yini oyithandayo, uzonikezwa khona khona lapha. Uma kungenjalo, khona-ke ngi—ngikutshele into ethize eyiphutha."

31 Futhi wathi, "Awu," wathi, "Angazi ukuthi ngiceleni, Mfowethu Branham," washo. Wayenabafana ababili abangamabhungu, futhi ukhuluma ngamambuka, babeyiwo, futhi ngakho-ke, nje emnika ubuhlungu benhliziyo ngaso sonke isikhathi, omncane bandla, umama ongumfelokazi. Futhi ngakho-ke, umyeni wakhe, ngamshadisa nomyeni yakhe. Futhi babe. . . Umyeni wakhe wayebulawe kugandaganda. Nalabobafana babedlebelekile nje. Wayesethi, "Awu, insindiso yabafana bami ababili."

Ngathi, "Ngikunika labobafana ababili eGameni likaJesu Kristu." Futhi bobabili bawela emathangeni akhe, beza kuKristu.

32 Manje, uMfowethu Banks Wood undawondawo ehlezi lapha kulesisakhiwo, kulobubusuku, owayekhona ukubona lokho kwenzeka. Bobabili labobafana bakahle, bathathe ukugezana iziNyawo ngaso sonke isikhathi, iSidlo ebandleni. Futhi lapho sithatha ukugezana iziNyawo, lowo ogeza izinyawo, sibeka izandla zethu phezu kwabo futhi sikhuleke. Lowomfo omncane ngobunye ubusuku, cishe eneminyaka eyishumi nane ubudala, umelusi wethu, uMfowethu Neville, wayebeke izandla zakhe kuye, emkhulekela, into encane enhle kunazo zonke.

33 Ngakho uMfowethu Ed Daulton ekubonile lokho kwenzeka, wayekhulekela abantwana bakhe, waphuma, futhi wabuyela emuva, noMoya oNgcwele wathi, "Khulumela abantwana baka-Ed."

34 Futhi ngathi, "Mfowethu Daulton, uMoya oNgcwele ungitshela ngalesosiphiwo esifanayo esisibheke ukuba sibonakaliswe ngokuphelele masinya, ngikunika abantwana bakho eGameni likaJesu Kristu." Futhi ngenkathi efika ekhaya lapho, indodakazi yakhe namadodana, sebevele banikela izinhliziyo zabo kuKristu. Amamayela ambalwa nje ezansi ezweni ukusuka kimi.

35 Futhi ngicabanga ukuthi bonke abantwana bakho usindisiwe futhi wagcwaliswa ngoMoya oNgcwele futhi

ulungele. Ngabe kunjalo, Mfowethu Daulton na? Ngabe ukhona okanye nawe na? Indodakazi eyodwa. Ngabe yilowo owasindiswa khona lapho na? Indodakazi endala yasindiswa ngakusasa ekuseni. Futhi bonke abantwana bakhe manje usindisiwe. Kanjani, uMoya oNgcwele, lapho uNkulunkulu esho noma yini, Uyaligcina iZwi laKhe, yilokho nje! Niyabo?

36 Manje, ngangingabasindisa kanjani labobantwana na? Niyabo? A—akusikho, uma kungesiwo amazwi akho uqobo, uma kungesikho ukucabanga kwakho uqobo, khona-ke ku—kuyilokho okukugqugqumezelayo. Futhi uma KunguNkulunkulu, khona-ke KuyiZwi likaNkulunkulu, niyabo. Ngakho yileyondlela, e—emihlanganweni lapha ebusuku, lapho ubona lezozinto zenzeka, akusimina lowo, bengingekwenze lokho, nguNkulunkulu enza lokho. Futhi uma nje uzokukholwa, khona-ke yilokho kuphela ofanele ukwenze, ngukuthi nje—nje kukholwe.

37 Manje, awu, sekucishe impela kube yisikhathi, bizani umugqa womkhuleko, Billy. Ngakho, ngithatha isikhathi esiningi *kakhulu* nje. Kodwa niyazi, ngifuna uku—ngifuna ukwenza isikhathi sokubonana nabo bonke abantu ngaseChicago lapha.

38 Futhi lo—lomfowethu ocula lapha ebusuku, uMfowethu Melvin, ngithanda kanjani ukuzwa lowomfana ecula! Ngi—ngifuna ukumuzwa ecula, *Ngikhumbule*, ngobunye balobubusuku ngaphambi kokuba ngihambe. Bese kuthi-ke kukhona udade oyikhaladi ocula kwiChristian Business Men. O, he, ni—nifanele nimuzwe ecula elithi *Ship Ahoy*! Futhi ngitshele umkami, uhlezi emuva lapho, kulobubusuku, futhi nga—ngamtshela, ngithemba ukuthi uyalizwa lelonenekazi licula elithi *Ship Ahoy*, noMfowethu Melvin ecula, "Ngikhumbule lapho izinyembezi ziqathakela phansi." O, he, ngethemba ngempela ukuthi siyawathola lawa.

39 Futhi kukhona umfowethu omncane laphaya kulowomhlangano ngokunye ukusa, uhlezi emuva lapha ndawondawo. Ngaxhawula esakhe. . .*Nangu*, yena nomkakhe. He, ukhuluma ngokucula! Futhi lapho usufika ngale eNkazimulweni, futhi ngi—ngiyafisa. . .Ngangihlale ngifuna ukucula, ngingaqoka ukucula kunokushumayela noma ngasiphi isikhathi. Ngakho, ngi—ngiyakuthanda ukucula kahle kakhulu, ngakho ngangihlala ngithi, "Bonke abaculi abakhulu bomhlaba bayobuthana Lapho becula izindaba, ukuthi banqoba kanjani, ngale egqumeni elikhulukazi eNkazimulweni, ngaphesheya nje koMfula wokuPhila, ngale ngaPhesheya, ngifuna ukuhlala futhi ngibalalele."

40 Ngakho ngifuna ukumema nonke nina bantu baseChicago ukuba nihlangane nami laphaya, manje, futhi—futhi—futhi sizohlala phansi, sibalalele becula, ngakho ngeke sibe nayinoma

yikuphi . . . sifanele siphuthume, futhi sibone ukuthi ngabe abantwana bazolimala yini, noma yini, bayoba lapho kanye nathi, futhi akuyikubakho lutho ukuba ululimaze noma ulubhubhise. Futhi sizoba nenqwaba yesikhathi-ke, futhi sizokhuluma nje isikhathi *eside*, sibe nenqwaba yesikhathi sokuxoxa.

41 Manje, nginemiBhalo eminingana engifuna ukuthathisela kuyo, nginayo eminye ebhalwe lapha kwamanye amakhasi lapha. Futhi ngifuna ukuqala, kulobubusuku, futhi ngifunde, kuqala, umBhalo otholakala kuLuka oNgcwele 8:50, okwe—indikimba. Nendaba yami, kulobubusuku, yiculo lengqikithi abaliculile ngaphambi nje kokuba ngingene: *Kholwa Kuphela*. Futhi uLuka oNgcwele isahluko 8 nevesi 50:

> *Kepha uJesu ekuzwa lokho, wamphendula, wathi, Ungesabi: kholwa kuphela, iyakusindiswa.*

Asikhothamise amakhanda ethu, umzuzwana nje, senzele umkhuleko.

42 Nkulunkulu onomusa, Owabuyisa futhi iNkosi uJesu, iNdodana yaKho, kwabafileyo, futhi uMethule kithi emva kweminyaka eyizinkulungwane ezimbili, siMbona usuku nosuku, nobusuku emva kobusuku emzimbeni ongabonakali wokusebenza kwaKhe eMzimbeni obonakalayo weBandla laKhe, efezekisa amaZwi aKhe. Futhi njengoba besikhuluma ngobunye ubusuku, Usohlelweni ngqo, yonke into ishaya kahle nje, iwashi elikhulu lesikhathi sikaNkulunkulu liyahamba, kuya emzuzwaneni nje. Manje-ke, kulobubusuku, lapho sibona ukuthi lokho kokugcina, ukushaya kwewashi kwaphakathi nobusuku kulungiselela ukushaya, O Jehova Nkulunkulu oMkhulu, yiba nomusa kithi.

43 Futhi njengoba ngicabanga kulobubusuku, lapha phambi kwami, ngibambe ukuthengwa kweGazi laKho, ukunaka kwabo okwemizuzu engamashumi amathathu noma engamashumi amane elandelayo, "Ngifanele ngithini, O Nkulunkulu na?" Lamazwi ambalwa alungisiwe abengeke enele, Nkosi, ngaphandle kogcobo lwaKho. Ngakho ngikhulekela ukuthi Uzogcoba amaZwi, kulobubusuku, alendikimba, futhi kwangathi Angathola indawo yaWo yokuphumula, futhi asihlinzekele nje lokho esikudingayo ukuba silungiselele lelohora ukuthi lapho uJesu efika. Ngoba Nkulunkulu, ngiqaphelile, ngamehlo ami evulekile, emizuzwaneni embalwa edlule, okubekwe lapha phambi kwami yileyoncwadi yeChristian Business Men, lapho uMfowethu Tommy Nickel oyigugu ahumusha khona kusukela kuleyoteyipu lowombono, kumbe noma ngabe kwakuyini, Nkosi, Ungivumele ngibone ngale kwekhethini lapho, futhi O Nkulunkulu, ngathi, "Uma kuphela bengingabuyela emuva ngenxa ye . . . ngi—

bengiyoncenga, benginganxusa abantu. O, abafanele bakugeje Lokho, Nkosi."

44 Kunabantu lapha abahlukanisele ukuphila kwabo nami, ngami nabantwana bami, naphakathi kwabo nabantwana babo. Ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi *ngandlela thize enye*, into ethize ingahle ishiwo kulobubusuku, ezo, ukuthi singahle sibe noKristu ehlukanisiwe phakathi kwethu kulobubusuku, ukuze Abe nguMsindisi wethu sonke, noMphulukisi wethu sonke, neNkosi yethu ezayo. Nalelothemba, lishiye lapha ezinhliziyweni zethu. Kwangathi singaphila Phakade naYe, ngale kuleloZwe lapho okungekho kugula khona.

45 Ngingacabanga ngalabo besifazane, ukuthi bake baba kanjani, ngibona lapha abesifazane abadala, abaneminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye ubudala, futhi babelapho-ke, bebahle futhi bebasha. Nalawomadoda ampunga lapha emhlabeni, ayelapho-ke, esemancane futhi esebusheni bawo iPhakade. Nkulunkulu, besingeke sikwazi ukugeja Lokho.

46 Siphe, Nkosi, kulobubusuku, ukuthi umuntu ngamunye uzobamba kabusha kulobubusuku. Busisa abangcwele futhi uphulukise abagulayo, ngokuba siyazinikela, nalendikimba, eGameni likaJesu Kristu, ngenxa yenkazimulo yaKho. Amen.

47 UJesu wayesanda kunqatshwa nje emvuselelweni enkulu. Wayehlala njalo esemsebenzini kaBaba; ngi—ngiyakuthanda lokho. Thina . . . Mina, qobo lwami, nginesikhathi esiningi kakhulu engi—ngicabanga ukuthi ngi—ngisisebenzisa ngobuwula, futhi sonke sizizwa ngaleyondlela. Futhi siba sisonteka kakhulu size sidingeke ukuba siye ndawondawo futhi siqaqeke.

48 Kodwa sathola uJesu njalo esemsebenzi kaBaba; ngiyakuthanda lokho. Futhi yileyondlela esifanele sibe yiyo, asifanele neze singenzi lutho esikhathini sethu. Isikhathi esinaso, sifanele sisichithele okuthile, futhi—futhi songe isikhathi, sisihlenge, ngoba siyigugu, ngaso sonke isikhathi sithola ithuba lokufaka iplaki senzele uJesu, kwenze, ngaso sonke isikhathi sifaka iplaki senzele uNkulunkulu, kwenze. Yenzela iBandla into ethize nokuthuthukisa abantu. Abantu abaningi, sazi kanjalo-ke lezizinto yingalokho omunye umuntu asitshele khona.

49 NoJesu wayesukile eGalile, ngale ezweni Aphuma kulo, futhi wawela ulwandle, ezizwa eholeleka, akungabazeki, ukuba aye ngale eGadara enzela imvuselelo. Akungabazeki, kodwa lokho uBaba ayeMholele ngale ngaphesheya kolwandle ukuya eGadara. Futhi nina, sonke siyayazi indaba ukuthi kwakukhona umuntu oyedwa kuphela owasindiswa, lowo kwakuluhlanya, eGadara. Futhi lwaluphandle emasimini emangcwabeni, lwaludlebelekile. Futhi balufaka amaketango, namandla amademoni ayekwazi ukugqabula amaketango.

50 Futhi—futhi bengicabanga kaningi, ngihamba ngizungeza izikhungo zezinhlanya, futhi ngibhekisise umuntu obengenwe yilawomandla amabi, ukuthi banamandla kangakanani! Bathatha iphoyisa, ngesinye isikhathi, ukuzishaya bazilahle phansi.

51 Khumbulani ezansi eFlorida, ngobunye ubusuku i—indoda eyayingeke isinde ngaphezu kwamaphawondi ayikhulu namashumi amabili, yabhaxabula amaphoyisa amahlanu kalula nje njengoba ubungabhaxabula umntwana wakho. Futhi—futhi khona-ke ngenkathi lowomoya omubi usuphumile kulo, ngani, kwakungekho *lutho* nakancane, lona, lumnene nje ngakho konke, kodwa kwakungumoya omubi.

52 Futhi ngacabanga, "Uma umuntu okhwelwe ngumoya omubi ubengagqabula amaketango, ubengenzani ukuba ubezinikele ngokuphelele kuNkulunkulu, namandla kaNkulunkulu ekhwele kuye kanjalo na?" Wayengakwazi ukuqondisa yonke imilenze ekhubazekile, futhi enze izinto ezinkulu, ukuba nje ubengagcotshwa *kakhulu* ngamandla kaNkulunkulu, njengoba udeveli engambamba ngokuphelele.

53 Niqaphelile, lowodeveli wayebambelele ngokuphelele kuleyondoda, yaze ya—yaze yavuma ngisho noJesu na? Yathi, "Siyazi ukuthi UnguBani, ONgcwele kaNkulunkulu. Kungani uze ukusizwisa ubuhlungu ngaphambi kokuba isikhathi sethu sifike na?" Niyabo? Wayezinikele ngokuphelele kakhulu kudeveli, kwaze kwaba udeveli wakwazi ukusebenzisa ulimi lwakhe.

54 Futhi niyazi, ngiyakuthanda lokho. Ngethemba ukuthi lokhu akulimazi imizwa yamuntu, kodwa singazinikela ngokuphelele kakhulu kuNkulunkulu aze Akwazi ukusebenzisa ulimi lwethu, futhi, uku—ukukhuluma ngezinye izilwimi, nokushumayela iVangeli, ukucula iVangeli, ukukhuluma imibono esiyibukayo, nezimfihlakalo zikaNkulunkulu, uma nje sizinikela ngokuphelele emandleni kaNkulunkulu, yilokho kuphela. Futhi uma udeveli engathola umuntu ngaphansi kokulawula kwakhe, futhi enze lokho, uNkulunkulu angenzani ngoyedwa, athole oyedwa ngaphansi kokulawula kwaKhe na? Niyabo? Ngakho loluhlanya . . .

55 Futhi niyaqaphela, ngenkathi uJesu ewela ulwandle, udeveli wayazi ukuthi Wayesendleleni eya kokukhulu, ukuzuza ukunqoba okukhulu kukaNkulunkulu, futhi wazama ukuMminzisa ngalobobusuku, wabangela isiphepho ukuba sikhuphuke, futhi, kodwa uJesu wayazi ukuthi uNkulunkulu wayeMthumile, ngoba Wenza kuphela lokho uNkulunkulu ayeMholele ukuba akwenze.

56 Bekungeke yini kube kuhle lokho ukuba besinobufakazi obunjalo, bazalwane na? "Ngenza kuphela lokho okuthokozisa uNkulunkulu." Bekungeke yini kumangalise lokho na? Njengo-

Enoke, wahamba noNkulunkulu iminyaka engamakhulu amahlanu futhi waba nobufakazi ukuthi wayemthokozisile uNkulunkulu. Akadingekanga ukuba afe, wavele wenyuka nje.

57 Ngakho manje-ke, ukushaywa umoya okuncane ntambama, waqala nje ukuphuma, futhi wacabanga nje, "Awu, sengibe semhlabeni isikhathi eside ngokwanele, ngizovele ngihambe ngiqhubeke ngenyuke." Futhi nje waqala, ngokukholwa, wacabanga, "Awu, sengibe lapha isikhathi eside ngokwenele, ngakho-ke sengithi ukukhathala ukuba ngalapha, ngicabanga ukuthi ngizovele ngishaywe ngumoya ngikhuphuke ngize ngiyoshaya iMilky White Way futhi ngivele ngihambe ngenyuke, ngingqongqoze emnyango." Ngakho yilokho akwenza. Niyabo? Ngokukholwa wakwenza, iBhayibheli lasho njalo. Niyabo, wavele wakhathala ukuhlala lapha, wathi, "Awu, ngizokwenyukela eKhaya, Nkulunkulu." Nje wenyukela phezulu emoyeni ehamba. Wakwenza lokho ngokukholwa, iBhayibheli lathi wakwenza.

58 Futhi ngakho-ke, o, ngi—ngi, lapho ngizwa ukufa kufika kungqongqotha ngasemnyango wami, ngi—ngifuna ukuba nalolohlobo lokukholwa, anifuni na? Vele uthi, "Awu, izwe elidala kangaka, ngizohamba ngisuke kuwe manje." Futhi nje ngiqale ukuhamba ngiqhubeke. Ngihambe nje ngiqonde ngqo phezulu, futhi ngedlule inyanga nezinkanyezi futhi ngishaye iMilky White Way, futhi siqhubeke siyongena ezindaweni ezizungezile, nasezindaweni ezizungezile, futhi siphume ezindaweni ezizungezile, futhi nje ngiqhubeke ngiyongena eNkazimulweni, kunjalo.

59 Bese kuthi-ke, sithola ukuthi udeveli angeke ayibhubhise inceku kaNkulunkulu inqobo nje uma isentandweni kaNkulunkulu. Ngakho Unjalo, siyaMbona evuka ngalobobusuku, nodeveli ethukuthele kakhulu naye, futhi eyozama ukuMminzisa phandle lapho olwandle, wasukuma, Wayesethi, "Yini nesaba kangaka na? Nicabanga ukuthi beNgiyobe ngenza noma yini ngaphandle uma bekusentandweni kaNkulunkulu na? Kungani nesaba kangaka ngakho na?" Niyabo? "Kungani ukhathazeke ngakho, empeleni na? Kungani uphatheke kabi kangaka na?"

60 Leyo yinto efanayo Ayoyisho kithi kulobubusuku, bazalwane, sengiyabona. "Kungani nesaba kangaka ngakho na?" Niyabo? "Yini indaba na? Niyesaba ukuNgethemba na?"

61 Wathi, "Thula, uthi du." Futhi imimoya namagagasi kwaMlalela, bawela ulwandle. O, kuhle kanjani! Lapho Wafika ngapheshela, naloluhlanya lwahlangana naYe, futhi—futhi ngenkathi lenza, lwaluzophuma ukuba luMdwengule abe yizicucu. Khona-ke udeveli wathola ukuthi Lokho kwakungaphezudlwana kwendoda ezayo, ihamba yenyukela lapho nalawo amanye amadoda ayishumi nambili.

62 Kwase kuthi-ke, ngenkathi luMvuma ukuthi uyiNdodana kaNkulunkulu, futhi lavuma ukuthi lona, ukuhlushwa kwalo kwesikhathi esizayo, UJesu wathi, “Thulani, kodwa phumani kuye.” Futhi Wakhulula leyondoda ngalabo legiyona bodeveli. Nalabodeveli bawela futhi bathola . . . Uma bengabonakali ngokomzimba, ba—babonakala bengenakuzisiza. Ngakho bawela futhi bangena esigejaneni sezingulube base behla, izingulube eziyizinkulungwane ezimbili, futhi zaminza olwandle.

63 Futhi niyazi ukuthini? UJesu uza ukuba abambe imvuselelo, kodwa ngenkathi labobantu bebona ukuthi kwakuzobabiza izingulube eziyizinkulungwane ezimbili, babengayifuni imvuselelo. Ngakho uma kuzobabiza noma yini, abafuni kuzihlanganisa ngalutho nakho. Ngakho lokho—lokho kuthi akube yindlela okungayo namhlanje, niyazi, Uma kuzokubiza ukulala amahora ambalwa noma—noma *enye into ethize*, abantu abafuni kuzihlanganisa ngalutho nakho, niyazi.

64 Futhi ngakho bathi . . . Awu, ba—ba . . . Esikhundleni sokuba nemvuselelo, bayaphuma, abantu bedolobha, base bethi, “Shiya izwe lakithi. Asilokothi . . . Asinifuni ngapha, qhubekani niphume nje. Thina . . . ”

65 Futhi, niyazi, noJesu waqalaza endodeni eyayiphilile engqondweni yayo, futhi yayigqoke izingubo. Futhi uma . . . Niyazi, bengihlala njalo ngicabanga lapho, kungcono ngingaqali kulokho, uma—uma, niyabo, leyondoda, yaqala *ukugqoka* izingubo lapho ihlangana noJesu, futhi kukanjani, sizisho ukuthi siyaMazi, futhi sizikhumula ngaso sonke isikhathi na? Ngakho kukhona i . . . Futhi lokho yi . . .

66 Bathi siyahlanya ngokushumayela izinto ezinjengalokho, kodwa angazi, indoda eyayine . . . eyayihamba-ze yiyona eyayihlanya, ngokweBhayibheli, ngakho, futhi ngenkathi ifumene uJesu, yahamba igqoka izingubo zayo futhi. Ngakho—ngakho sithola ukuthi . . .

67 Bengihlala ngizibuza, lapho ngenyukela eZulwini, ngifuna ukuthola leyondoda, futhi ngi—ngifuna ukuya ngale . . . UJesu akayivumelanga ukuba iMlandele, Wathi, “Qhubeka ubuyele emuva futhi ukhombise abantu laphaya ukuthi kwenzekeni kuwe.” Futhi nje ngiyamangala ukuthi—ukuthi isisindo sobufakazi bayo sasiyini ngokufuya izingulube kulelozwe emva kwalokho. Ngi—ngiyamangala nje ukuthi ubufakazi bayo babunani, babunasisindo sini lapho.

68 Kodwa babengaMfuni. Ngakho ngizosho into eyodwa: Uma ungaMfuni, Angeke akuhluphe ngaYe uqobo. Qhabo, qhabo, Angeke Azifuqele kuwe, Akazange akwenze. Uyangqongqotha, wena ungaphakathi, nguwe ovula umnyango. Kodwa Uzongqongqotha, Uzokunika ithuba.

69 Ngakho manje-ke, o, bathi, “Asikufuni. Angikhathali ukuthi bangaki ongabakhulula, nokuthi kanjani, nokuthi ini, ubani okuthumele ngapha. Uma uNkulunkulu ekuthumele ngapha, kuthiwani ngakho na? Asifuni nje noma yini yalolohlobo lwezinto zihamba ngapha ngakwezethu. Uthola abantu bakithi bonke bedidekile, ngakho-ke buyela emuva nje lapho ongowakhona.”

Wathi, “Kulungile.” Wabuyela emuva ngqo Wahamba, wayesengena esikebheni.

70 Kufanele ukuthi kwakungale cishe ngeleshumi nqo ekuseni. UMfowethu Jayiru omncane, wayeyi—wayeyikholwa. Yena—yena, empeleni wayeyikholwa, kodwa wayewuhlobo lwekholwa langasese. Futhi, niyazi, sinayo yonke inqwaba yalabo phandle lapha kulamabandla eMethodisti, iBaptisti, nePresbyterian. Bawukholwa ngempela lomlayezo wePhentekoste, bayakholwa, kodwa nje abakwazi ukukwenza ngenxa yebandla labo.

71 Ngakho uJayiru wathi . . . Wayeyikholwa langasese, ngaphandle wayezihlanganise nesigejane sabangakholwayo. Futhi ngakho-ke, yileyondlela indoda eningi elungileyo eyiyo kulobubusuku, ijoyinane nabangakholwayo. NeBhayibheli lathi, “Ningaboshelwa ejokeni linye.” Ungazibopheli ejokeni phakathi kwabangakholwayo. “Phumani phakathi kwabangakholwayo, futhi nizahlukanise, kusho uNkulunkulu, futhi Ngizonamukela, ningathinti okungcolileyo kwabo. Futhi Ngiyoba nguNkulunkulu kini, nina niyoba ngamadodana namadodakazi kiMi.”

72 Ngakho uJayiru, nokho, wayenjengabaningi banamhlanje, wayezibophele ejokeni enhlanganweni, ukuthi nje akakwazanga ukutshikiza kalula asuke kukho nje, ngoba wayenegama eliphakeme, mhlawumbe. Asimbize, uDkt. Jayiru. Niyabo? Wayeyi . . . wayenegama elikhulu lika*Dokotela*, mhlawumbe, emva kwalo. Wayengumpristi, futhi wayengu—wayengumelusi wesinagoge elikhulu. Kodwa enhliziyweni yakhe wayezolandela uJesu waseNazaretha, wayezibhekile lezozimangaliso. Wayeya ekhaya futhi atadishe, futhi abuke emiBhalweni, futhi uyothi, “Kunjalo impela nje!”

73 Ake sicabange ukuthi wayemi lapho ngalolosuku ngenkathi uSimoni ekhuphuka. Wehla ukuyozwa uJohane eshumayela, futhi wezwa ngakho, wabezwa bememezela uJesu, futhi sikubonile lokhu kuKhanya kwehla phezu kwaKhe lapho, futhi kuhlala phezu kwaKhe. Futhi sikubonile lokho kuKhanya okufanayo okwakukuYe, kutshela lowomdobi omdala, “Ngani, igama lakho unguSimoni, futhi uyindodana kaJonase.” Mhlawumbe, niyazi, uyise waye . . . kungahle ukuba wayekade eyilunga lesinagoge lalendoda.

74 Wayesethi, “Ngiyazi lowoMuntu wayengamazi. Futhi ngaya ekhaya futhi ngakuhlola lokho emBhalweni, futhi ngathola

ukuthi *leso* kwakuyisibonakaliso sikaMesiya. Kwase kuthi-ke ngenkathi ngisami lapho, futhi nga—ngangimi ngale ngakolunye uhlangothi, kusobala, nabapristi, nabazalwane bami, futhi belalele ukubona engingakuzwa bekusho. Futhi abazalwane, bathi, 'Sizokwenzenjani lapho sesibuyela emuva na?'"

75 Ngenkathi uFiliphu enyuka futhi waba noNathanayeli, nokuthi uJesu wama lapho futhi watshela uNathanayeli ukuthi wayengubani, nokuthi wamtholaphi, nokunye nokunye kanjalo. Futhi sibonile uNathanayeli, waye, mhlawumbe, efundela ukuba ngumshumayeli, futhi wathi, "Ngani, Rabi, UyiNdodana kaNkulunkulu, iNkosi ka-Israyeli."

Wathi, "Uyakholwa ngoba ngikutshele lokho na?"

76 Futhi mhlawumbe wayehlezi phandle lapho futhi ukuzwa owesifazane emthonjeni, futhi—futhi ame esangweni ngalesosikhathi ngenkathi iMpumputhe uBartimewu wayephandle lapho ekhala, "Jesu, Wena Ndodana kaDavide, ngihawukele!" Wayengeke aMthinte. Uma uya e. . . Uma wake waba sendaweni, bamaka lapho uBartimewu ayehlezi khona nalapho uJesu wayekhona ngenkathi eMbiza, o, he! Sonke lesosixuku, sihhewula, sithi, "Awusho, bangitshela ukuthi uvusa abafileyo, sinamathuna agcwele bona phezulu lapha, khuphuka, uvuse abanye babo, sizokukholwa." Niyabo? Wayengake akuzwe kanjani konke . . . ? Kodwa ukukholwa kwakhe kwaMthinta.

77 NjengoZakewu omncane, engisho ngaye kwiChristian Business Men, ehlezi phezulu esihlahleni kanjalo, wathi, "Manje, uRebekah wangitshela ukuthi Wa—Wayazi zonke izinto futhi wayenga . . . UNkulunkulu wakhuluma ngaYe futhi WayenguMesiya, ngakho ngizodonsa onke lamagatsha angizungeze, futhi—futhi Akasoze azi ukuthi ngihlezi phezulu lapha."

78 Ngakho ngenkathi uJesu ema ngqo ngaphansi kwesihlahla futhi wabheka phezulu, wayesethi, "Zakewu, yehla; ngiya ekhaya nawe," ngakho mhlawumbe, wayelapho ngalokho kusa ukubona lokho. Noma kunjalo, wakukholwa lokho ngemiBhalo ukuthi Lowo kwakunguMesiya.

79 Futhi, kodwa nokho akakwazanga ukwenza ukuvuma ngoba i—inhlangano yabefundisi baseGadara yayikushilo lokhu: "Uma kukhona noma ubani oke athamele enye yalezozimvuselelo ukuthi lowomprofethi waseGalile, laphaya, azibambile, siyomxosha ebandleni ngalelohora." Ngakho awu, u—u . . . babenomelusi nokho, futhi—futhi wayenebandla elikhulu, nesigejane esihle sabantu, futhi—futhi wayazi ukuthi wayeyithanda iNkosi, kodwa phansi ngqo enhliziyweni yakhe, wayazi ukuthi kwakukhona enye into ethize eyayifanele yenezelwe.

80 O, Zakewu, ngithemba ukuthi uhlezi lapha kulobubusuku, futhi ungasukumi futhi uphume lokhu kuze kwedlule, uyabo. Hlala uthule nje umzuzu.

81 Futhi wayelapho-ke, niyazi, phandle lapho, futhi ekukholwa lokho, futhi uza ekhaya ngokukhanya kwekhandlela okuncane, futhi atadishe ubusuku bonke, lapho wayeya komunye waleyomihlangano, futhi alalele, mhlawumbe azifihle, futhi amboze ngeveli ubuso bakhe, noma okuthize, ukuze angaziwa njengoDkt. Za-. . ., noma, uDkt. Jayiru, niyazi, noma, wayengeke nje afune ukwaziwa phakathi kwesixuku. Kodwa nokho, wayehlezi lapho, futhi wakubhekisisa lokhu, futhi wakutadisha, kodwa nokho, wayengenakuMvuma obala, esidlangalaleni, ngoba wayezodingeka ayeke inhlangano yakhe yobufundisi nenhlanganyelo yakhe nabazalwane bakhe. Futhi yingalesosizathu bonke ndawonye baxosha uJesu eGadara, base beMbuyisela emuva ezweni laKubo uQobo. Ezweni laKubo uQobo, bekuyinto efanayo. Futhi noma ubani owazihlanganisa nalokhu *okubizwa* ngomProfethi waseGalile, ngani kwakungukuthi, kwadingeka axoshwe.

82 Kodwa niyazi, uNkulunkulu unendlela yokukhipha lokho kukholwa kwangoqobo ngempela kithi, uNkulunkulu unezindlela eziyinqaba zokukwenza. Futhi ngakho-ke, ake sithi ngobunye ubusuku intombazanyana yayingenile, futhi yayi. . . Wayenendodakazi eyodwa encane, cishe eneminyaka eyishumi nambili ubudala, futhi wayeseguga, futhi lowo kwakunguye kuphela umntwana yena nomkakhe ababenaye. Ngobunye ubusuku yangena isuka ekweqeni intambo, noma okuthize ngasesifundeni somfundisi, futhi yangena, yathi, “Babayi, ngigula *kakhulu*.”

Ngakho wezwa ikhanda layo elincane wayesethi, “Yebo, S’thandwa, uyagula.”

Ngakho wathi, “Mama, ngikutshela ukuthi, yilalise embhedeni, futhi sizokwehla siyolanda udokotela.” Yileyonto kuphela enengqondo ukuba yenziwe.

83 Ngakho-ke bahamba futhi bathola udokotela omuhle lapho abakhele khona, futhi wenyuka futhi wayithinta. Wayesethi, “Yebo, ivuthithiswa imfiva.” Ngakho wayinyanga izinsuku ezimbili noma ezintathu, futhi uthola ukuthi, imfiva yayo yakhula yaba yimbi kakhulu. Futhi, o, kwafika endaweni enjalo, kukho kwashisa kakhulu, ukuthi wayethola, udokotela wakhathazeka ngakho. Ngakho wazama zonke amakhambi nazo zonke izelapho ayezazi ukuzama ukusiza lentombazane encane, kodwa a—akakwazanga ukuyisiza ngalutho ngakho, akakwazanga nje ukwephula imfiva.

84 Ngakho-ke ngokunye ukusa cishe ngelesishiyagalolunye nqo, ngani, wayefike ezovakashela intombazanyana emva kokuba kade evukile cishe ubusuku bonke. Futhi bonke

abantu abanothando bebandla babebuthene phakathi lapho, na—nabo bonke abelusi ababambisene, nabanye babefundisi basesontweni abavakashile, negosa lesifunda, futhi bonke wayehlezi eduzane, niyazi, uku—uku—ukunikeza imikhuleko, nokunye nokunye, ukwenzela umntwana.

85 Futhi ngakho-ke, udokotela ungena ekamelweni, futhi wahlola intombazane encane, wathatha ukushaya komthambo wayo, futhi, o, imfiva yayidlanga. Into encane yayisingale, ekhanda layo manje. Ngakho wayazi ukuthi ukuphela kwase kusondele. Wayekuzonda ukutshela umelusi; mhlampe, waya ebandleni lakhe uqobo. Ngakho wambizela eceleni, wayesethi, "Manje, Jayiru, ngifuna ukukutshela phandle lapha, ukuze u*Dade* engezukukuzwa, leyongane iyafa, intombazanyana yakho kuphela."

"O, Dokotela! Impela kukhona okunye ongakwenza."

86 "Qhabo, Jayiru, uma—uma ufuna ukubiza omunye udokotela futhi ulandise udaba, ngani, lokho kulungile. Kodwa mayelana nokuqonda kwami kwezemithi, ukufa kusemntwaneni khona manje, ngoba ulele eduze kokufa, futhi mhlampe ngeke ahlale ngaphezu kwelinye ihora noma amabili." Udokotela olungileyo wayesho konke lokho ayekwazi ukuthi kuyiqiniso.

Futhi wathi, "Dokotela, ungangeluleka ukuba ngithole omunye udokotela na?"

Wathi, "Wamukelekile."

87 Kodwa wathi, "Angimazi omunye udokotela. Siyazi kwakukhona udokotela ngaphesheya ngaphesheya kwe . . . lapho, obizwa ngoLuka, uDkt. Luka, kodwa, uyazi, wa—waphenduka."

"O, unga . . . ULuka wachezukela esiphethweni okungesiso." Niyabo? "Ulandela lowomprofethi waseGalile, unga . . . "

O, lokho kukubuyisa emqondweni wakhe. "Yebo, Dokotela. Awu, ngiyabonga. Ngikukweletani, Dokotela na?"

88 "O, awu, ngi . . . lokho kulungile, awudingi ukungikhokhela lutho." Wayeyindoda ekahle. Niyabo? "Qhubeka, Mshumayeli, ngiyazi awenzi mali eningi, ngakho kuyeke kuhambe nje."

"Awu, ngiyabonga ngomusa kakhulu."

89 Manje, uzokwenzani na? Ubuyela emuva esuka esangweni wayesethi, "Manje, ngizongena endlini lapho, isifunda somfundisi. Futhi ini . . . ngizomtshela kanjani umkami ukuthi leyongane isilele isiseduze kokufa na? Futhi ngikugcine kuyimfihlo kuye ngaso sonke isikhathi ukuthi ngangikholelwa ngempela kuJesu eyilowomProfethi *wangempela*, owawuzofika. Kodwa manje, bengiyoke ngikuthole kanjani na? Futhi nanto igosa lesifunda nayo yonke inhlangano yabefundisi ihlezi macala onke endlini lapho. Futhi ngingake ngikwenze kanjani na? Futhi ngiyamangala ukuthi Ukuphi."

90 Ngakho ubuyela ekamelweni, futhi uqala ukuzibuza. Futhi, niyazi, futhi, into yokuqala niyazi, ubiza umkakhe angene, wathi, "S'thandwa, ngena bese uhlala phansi umzuzu nje." Wabeka izandla zakhe, wathi, "Manje, nginento ethize engifuna ukukhuluma ngayo nawe. Okokuqala, ngifuna ukuthi, Mama, uyakhumbula ukuthi ngihlale kanjani phezulu lapha ngesikhathi sasebusuku, lamalambu amakhandlela, ngifunda imiBhalo na?"

"Yebo, yebo, Jayiru, ngi—ngi—ngiyazi nje ukuthi uhlale kanjani phezulu lapha futhi wafunda."

"Futhi ngingenile, ngihambile izinsuku ezimbili noma ezintathu ngesikhathi, ngikutshela ukuthi bengiphumile ngomsebenzi weNkosi."

"Yebo, ngikhumbula konke ngakho."

"Awu, bengikufihlele lokhu, kodwa ngifuna ukukutshela okuthize. Uyazi ukuthi bengikuphi na?"

"Awu, ubukuphi, S'thandwa na?"

"Bengithamela leyomihlangano kaJesu waseNazaretha, lowomProfethi waseGalile. Bengithamela . . . "

91 "O," wathi, "lokho akusiyo imfihlo kimi, bengifunda amanothi akho owawathatha eziNtshumayelweni zaKhe, uyabo. Ngenkathi ngihlanza ikamelo, ngathola ubhaskidi kadoti ugcwele wona, uyabo. Futhi ngisanda kuwafunda nje lapho obuhlola khona emBhalweni."

"Impela ngokwenele na?"

"Yebo."

"Awu, ngiyakutshela, uyazi ukuthini? Ngikholwa ngeqiniso ukuthi Lowo nguMesiya."

"Ngani," wathi, "S'thandwa, ngabe usukulungele manje nje ukukuvuma na? Ngangikukholwa konke."

Manje, uselungele, angamtshela manje, ini. Wathi, "Uyazi ukuthini na?" Wathi, "S'thandwa, udokotela usanda kungitshela okuthize nje."

"Ini? Indodakazi yethu izoba ngcono na?"

"Qhabo, iyafa."

"O, Jayiru! O, o, impela, qha!"

92 "Yebo, ya, i—i—iyafa. Kodwa ngiyazibuza ukuthi ukuphi uJesu waseNazaretha. Niyazi, Wa—Wasuka futhi wawela ulwandle ezinsukwini ezimbalwa ezedlule, futhi Usehambile, futhi ngi—ngiyazibuza ukuthi Ukuphi. Ukuba kuphela besingaMthola! Awu, awu, singahle nje sivume ukukholwa kwethu futhi siphume.

93 "Awu, saphuma, usuku ngaphambi kwe, bonke abantu futhi ngathi, 'Awu, ngifanele ngimemezele okuthize: Udokotela

usanda kungitshela nje ukuthi ingane yami iyafa, intombazane yami okuwukuphela kwayo, eneminyaka eyishumi nambili ubudala, iyafa.'" Futhi ngakho-ke, uyasho, futhi bonke baqala ukulila, nokukhala, futhi baqhubeke.

94 Wathi, "Manje, linda, lelo akulona ithemba lethu lokugcina. Umzuzwana nje." O, ngizwa ubuso bakhe obuncane bubabomvu, wabuka igosa lesifunda, nombhishobhi, nabo bonke behlezi bezungezile, niyazi. Futhi uzokwenzani na? "Kodwa sinelinye iThemba."

Futhi ngiyamuzwa umbhishobhi esukuma, ethi, "Awu, uyafuna ukubonana nomunye udokotela na?"

"Awu, qhabo, hhayi impela. Kodwa nginento ethize . . ." Khona-ke inhliziyo yakhe iqala ukugijima ngokushesha ngempela, niyazi. Ungakusho na? Wangingiza kancanyana.

Futhi ngiyamuzwa umkakhe ethi, "Qhubeka, ubatshele, ubatshele, ubatshele!"

95 "Awu, a, *ahe*, a, bazalwane, *ahe*, ya, ngiyazi lokhu kungahle kunixhuxhumise kancanyana nje, *ahe*, kodwa, e, yebo, ngiyakholwa ukuthi uJesu Kristu uyiNdodana kaNkulunkulu. Ngi—ngiyakholwa ukuthi Yena, lowomProfethi waseGalile unguMesiya. Kade ngi . . ."

96 Ngani, ngiyambona umbhishobhi esukuma, negosa lesifunda, naso sonke isicukuthwane, futhi bethi, "Ngani, Jayiru! He, awusho khona ukuthi usuhambe njengoba uLuka nabobonke benza na?"

"Yebo, ngiyaMkholwa, impela ngiyakholwa."

97 Ngani—ngani—ngani na? Wayenesidingo. UNkulunkulu unendlela yokukubeka phezu kwakho ngendlela yokuthi, Uzokwenza uphume nalokho kukholwa, umkhiphe nje ngqo noma kanjani. Yebo, mnumzane.

Manje, ngangimuzwa ethi, "Ukhona owaziyo ukuthi ukuphi Yena na?"

98 Omunye umfo omncane wathi, "Yebo, nga—ngangigula ngolunye usuku, futhi nge—ngehlela lapho ukuyobona uDkt. Luka, noLuka unaYe, futhi Waye—Wayengale eGadara, futhi bona, ngizwe ngesigijimi ukuthi bayangena namhlanje. Bafanele behle kulokhu ukusa ezansi lapho esikhumulweni semikhumbi yokudoba."

Sengiyambona uJayiru omncane ephuma futhi ethatha isigqoko sakhe sompristi esincane, futhi esigqoka, egqoka ijazi lakhe, aqale ukuphuma.

99 Sengiyalizwa igosa lesifunda limi emnyango, lithi, "Manje, buka lapha, nsizwa, manje, usube ngomunye wethu isikhathi eside, manje, uma uzoqala into enjengaleyo futhi uxove ibandla lethu, ulethe ubuhlanya obunjalo njengalobo eqenjini lethu,

niyazi ukuthi kuzokwenzekani na? Sizokuxosha, sizolisusa igama lakho encwadini, yilokho kuphela."

100 Awu, ngiyayizwa inhliziyo yakhe encane icwila, *kanjalo*. Waqalaza umkakhe, futhi wayemile ebona ukuthi wayezothini, futhi wabheka ngale futhi wabona indodakazi yakhe encane, efayo, wathi, "Usungavele nje uyisuse, ngoba nakhu ngiyahamba." Kunjalo. "Ngisendleleni yami." Wayenesidingo. Ephuthuma, ufanele ahambe *khona manje*.

Bathi, "Khumbula, uma uhamba, uyazi ukuthi kuzokwenzekani, uyasazi isimemezelo sethu."

101 "Yebo, ngikuqonda konke ngakho. Kodwa nginomntwana ofayo lapha, futhi yona impela into ebengiyifihlile enhliziyweni yami ngaso sonke isikhathi, ngiyihlolile imiBhalo, ngiyethamele imihlangano yaKhe ngaphansi kokuzifihla, futhi ngiyihlolile imiBhalo, futhi U*nguye* uMesiya!" Amen. Yilokho-ke. Amen. Yileyondlela yoku...Manje uza kukho, Jayiru. Phuma ngqo futhi ubatshele ukuthi yikuphi okuyikho. Vuma ukukholwa kwakho, khona-ke uthola, ilungelo lakho, endleleni elungile-ke. A—a—akusilo uhlobo olubukeka luhwaqabele.

O, wathi, ibandla lathi, "manje, khumbulani, uma ukwenza, awu, ukuthi kuzokwenzekani." Kodwa uJayiru wayenesidingo.

102 Isidingo! Futhi mfowethu, uma kwake kwabakhona isikhathi, bazalwane, ukuthi sifanele senze ukuvuma kwethu ukuthi UnguMesiya, iNdodana kaNkulunkulu, ukuthi Uyaphila, ukuthi—ukuthi amandla aKhe ayafana nje, kunesidingo namhlanje, namhlanje yihora, abantu bayafa. Abantu bayafa emabandleni. Abantu ba...

103 Ibandla lePentecostal liyafa, liba ngeligcina umthetho kakhulu. Liyasuka kude noNkulunkulu. Uma kukhona noma yisiphi isikhathi sokuphuma bese uthi, "Siyafa, asibuyele kuNkulunkulu," sikhona manje, ngoba kunesidingo. Buyelani ekukholweni okwake kwanikelwa kwaba kanye kwabangcwele.

104 Ngiyazi kunenqwaba yobuhlanya, ngiyakuqonda lokho. Futhi njengoba ngishilo ekudleni kwasekuseni kwabefundisi ngokunye ukusa, angeke neze usole abelusi, kodwa khumbula, njalo uma ubona into engamanga, idola mbumbulu, kuqiniseke impela nje njenganoma yini ezweni kwenziwe ngokwangempela.

105 Angikaze ngimangale kangaka, ngesinye isikhathi, ngangenyuka ngomgwaqo, futhi ngabona i—i—isigejane esikhulu samagwababa, noma izinyoni ezimnyama, zazinesikhathi esesabekayo nje, sokuklabalasa. Ngacabanga, "Yini indaba ngazo na?" Ngahamba ngenyuka ngomgwaqo, futhi kwakukhona ezinye zazo eyayisezihlahleni, nezinye ezigxotsheni zetelegrafu, nezinye zihlezi ezintangweni, ngacabanga, "Yini indaba ngezinyoni na?"

106 Kwakukhona isiqephu samastrobheli ngapheseya kwe—insimu, nendoda eyayiphethe isiqephu yayiye eFlorida eholidini, futhi wavele nje wayekela lawomastrobheli lapho, wayengavumeli-muntu ukuba awakhe, ngoba wa—wayethanda ukubona...wawagcinela lapho enzela izinyoni, wayethanda nje ukubuka izinyoni. Futhi ngakho-ke, ngenkathi esaye ezansi eFlorida eholidini, ngani, omunye uza ngapho futhi wabeka isithusa-nyoni esikhulu esidala phezulu ensimini, futhi babefuna ukukha amastrobheli qobo lwabo, bengavumeli izinyoni zibe nawo.

107 Izinyoni zonke zazixhuxhuma. O, he, zazixhuxhuma kakhulu! Ezinye zazo zihlezi kude *le* esihlahleni, zibuka ngaleya kulezozithusa-gwababa, futhi—futhi nje—nje zitshiyoza futhi zitshiyoza, futhi ziqhubeka, ezinye zihlezi phansi ezigxotsheni zetelegrafu, nezinye zihlezi ezigxotsheni zothango, ngase ngicabanga, "Awu manje, ngiyazibuza ukuthi yini indaba na?" Futhi kwenzeka ngabuka, okuhlezi ngqo ezingalweni zalezo, lesosithusa-gwababa esidala kuhlezi ezimbili ezinkulu, izinyoni eziphilile, zidla nje kanzima njengoba bezingadla. Ngacabanga, "Uma leso kungesiso isithombe! Uma lokho kungesiyo into ethize!"

108 Manje, ngacabanga, "Awu, yini indaba na?" Ngenyuka ngasondela kancane, futhi ngabuka, kunenqwaba yamastrobheli, ngacabanga, "Yini indaba, bafo na?" Futhi yileyondlela abanye babo enza ngayo. Abanye babo, bazoba le, baye emuva le *lapha*, abakholelwa kuMoya oNgcwele noma lutho. Abanye bayokhuphuka bese bethi, "Awu, ngiyakholelwa kwehle, impilo engcwelisiwe, kodwa a—a—a—angikholelwa nje ekuphulukiseni ngokukaNkulunkulu." Kodwa abanye bazokwehla ngqo cishe impela baze bayofika emngceleni, kodwa bayasesaba isithusa-gwababa. Futhi nje lokho kuthi akube yilapho iPhentekoste ifika khona manje, niyasesaba isithusa-gwababa.

109 Ngani, mfowethu, isithusa-gwababa siyithikithi lokudla. Amen. Ngena nje emva kwesithusa-gwababa, yilokho kuphela ofanele ukwenze. Uma ubona zonke izinhlobo zezimfundiso ezigqamileyo zamanga nezinto zivuka, engakusho ngobunye ubusuku, zonke lez*izimfundiso ezigqamile* masinya zizophenduka *izimfundiso ezazigqamile*, ngakho zi—zi—zinjalo, ungakhathazeki ngazo, kodwa iZwi likaNkulunkulu lizoba yiqiniso. Lapho lingasekho iZulu nomhlaba okusele, Liyobe lisalokhu liqinisile. Yebo, mnumzane.

110 Kwakungekho ukulahlwa kuzo, zihlezi lapho, zidla amastrobheli, mfowethu, zazihlezi lapho, ezinkulu, izinyoni eziphilile, nje zigqobha ngamandla onke, ngoba zazingenandaba nesithusa-gwababa, zi—zi—zidla nje amastrobheli ngokufanayo nje. Ngakho yilokho esifanele sikwenze. Lapho ubona lezizinto ozitholayo, wonke umuntu ukhuluma kahle kakhulu,

nebandla liba ngelisezingeni eliphezulu, nomfo *omkhulu* ethi, "Awu—awu, sizobangenisa nje nga*lokhu* na*lokho*," kungcono uqaphele, mfowethu, kukhona okuthile okungalungile lapho, ndawondawo, kukhona okuthile okungalungile. Ngithanda ukufika lapho umuntu egxekwa khona futhi kuhlekiswe ngaye, bese-ke eqalaza abone lapho . . . ini . . . kuhlole futhi abone ukuthi konke kumayelana nani. Yebo, mnumzane. Yinsimbi yedina, bhekisisani nje emva kwayo ngqo.

111 Niyakhumbula, amaklabhu njalo lilala ngaphansi kwesihlahla sama-apula esihle. Awagqobhozi kulawo anamafindo amadadlana, amuncekile, amuncu, "Izinsuku zezimangaliso selwedlule," akukho lutho ukugqobhoza kulokho, ayeke nje aqhubeke.

112 Kodwa uJayiru wayenesidingo, futhi wayenesidingo ngoba umntwana wakhe okuwukuphela kwakhe wayefa. Naleyo yinto efanayo eyiyo kulobubusuku. Manje, wayengadingeki ukuba athi, "Manje, ngizolinda manje. Ngizothi mhlampe, mhlawumbe, uma bengingalinda isikhashana, ngingahle ngihambe ngiMbone njengoba kwenza uNikodemu, ngihambe ngesikhathi sasebusuku. Ngiyothi shelele ngesinye isikhathi ebusuku. Ngiyakutshela . . . " Watshela, angahle ukuba watshela umkakhe into enjengale: "Awu, manje *nakho* kuhlezi igosa lesifunda *laphaya*, futhi nakho kuhlezi umbhishobhi, nakho kuhlezi lonke ibandla kanjalonjalo, ngiyakutshela, ngizolinda kuze kube sebusuku, futhi lapho sekuba sebusuku, ngizothi nyelele ngifake isifihlabuso sami esincane futhi, futhi ngizothi nyelele ngiye emhlanganweni. Futhi emva kokuba sekuphelile, angeke ngazise-muntu, ngizothi nyelele ngizungeze emva kwesakhiwo, ngithi, 'Awusho, Mprofethi waseGalile, ngiyakholwa kuWe, ngiyakholwa kuWe. Woza ngapha, nginendodakazi egulayo.'" Qhabo, indodakazi yayifa *ngaso lesosikhathi*, wayedingeka ahambe *ngaleyonkathi*. Kwase kuyisikhathi somnyakazo.

113 Futhi sekuyisikhathi somnyakazo, bazalwane. Akusiso isikhathi sokuphikisana ngokuthi ngabe sifanele sibhaphathizwe sibheke phambili, noma sibheke emuva, noma ngabe sifanele sibe ngaba*leli*bandla, noma *lelo*bandla, sekuyisikhathi sikaMoya oNgcwele ukuba angene eBandleni futhi angene emnyakazweni. Sekuleyithi kunoma ucabanga. Ihora selilapha, akusiso isikhathi sokuqophisana ngezivumokholo nangezimfundiso nezinto ezinjalo, sekuyisikhathi sokungena eMoyeni kaNkulunkulu futhi uqhubekele phambili, ngoba amabhomu e-athomu ayalenga, nemicibisholo ejikijelwayo yonke indawo, nama-sputniki ezibhakabhakeni. Futhi yonke into uJesu athi iyokwenzeka ngaphambi kwesikhathi sokuphela manje iyenzeka. NoMoya oNgcwele ulapha, uKristu, ngesikhathi ngqo, ohlelweni. Yebo.

114 Abagxeki bayavuka. Ngizokusho lokhu ngoba bekungukuthi, ngikucele ukuba kuzilwe kanye, futhi ngenkathi bekwenza, umfowethu wakhishwa ngempela ngakho. Ngi . . . Manje, ngizokusho, ngoba kuseteyipini, futhi ngakho umfowethu angakuzwa uma efuna ukuthola leteyipu. Kuphathelene noMfowethu David duPlessis, umfowethu oligugu, umngane.

115 Ngathola incwadi yokugxekwa evela kuye, futhi nga—ngangingafuni ukuyifunda, unobhala wayithola, futhi ngakho-ke, nga—ngangingafuni ukuyifunda. Kwakungenxa yokuthi ngangigodlile ukusho igama lakhe eteyipini. Kodwa lokhu kuyateyishwa, amateyipu ayahamba. Nakhu impela engakusho: Ngangishumayela ngokusondela kokufika kukaKristu. NoMfowethu David usebenzana namaPresbyterian, amaMethodisti, namaBaptisti, nalawomadoda amakhulu. Leyo yinkonzo yakhe kubo. UNkulunkulu umthume nenkonzo. UDavid ungusiyazi wezenkolo ohlakaniphile, isifundiswa esikhulu, nendoda emangalisayo kaNkulunkulu. Ube nami emihlanganweni, uye wama eceleni kwami. Ngiyamthanda njengoba umfowethu kuphela ethanda omunye, futhi lokho kuyiqiniso.

116 Kodwa engakusho ngoDavide, nebandla lizongifakazela, ngathi, "Kubonakala sengathi uMfowethu David, engowomoya njengoba enjalo, ubeyovuka eqinisweni ukwazi ukuthi ubhekene nentombi elele. Nabantu bePentecostal bajabula kakhulu ukubona amaPresbyterian ebhala ngesimemezelo esincane, 'Awu, sifanele sibuyele kubaphulukisi ngokukaNkulunkulu. Sifanele sibuyele emuva ekukhulumeni ngezilimi.'"

117 Nisifundile isiqephu lapho bekhipha khona, "Sifanele sibuyele emuva sibe nezinkonzo zokuphulukisa." UBilly Graham ekhuluma, "Sifanele sibuyele ePhentekoste." Uyaqonda, mfowethu, ukuthi lona impela ihora abahamba ngalo ukuyovusa intombi elele, ngenkathi iza ukuzothenga amaFutha, lokho kwakungenkathi uJesu efika na?

Ngathi, "Angazi noma uMfowethu David uyakuqonda yini lokho."

118 Nicabanga ukuthi ibandla lePentecostal, babenesithombe sabo ephepheni ngolunye usuku nabanye abapristi beKatolika, bemile, bebusisa ukudla kwasekuseni kukasomabhizinisi bePentecostal, noma okuthize, nezinto ezinjalo, okungukuthi lokho kulungile, kodwa angazi noma ibandla liyaqonda ngempela yini ukuthi kuyini. Kuyisibonakaliso. Ngenkathi leyontombi elele ifika futhi yangqongqotha esangweni, kungaleyonkathi engakwazanga ukungena, ngokuba uMlobokazi wayesehambile, aniboni na?

119 Yilokho engakusho ngoMfowethu David. Niyabo, akukho lutho oluphathelene nomsebenzi wakhe, noma owakhe u ma-

. . . , noma, mayelana nodumo lwakhe. Futhi uDavid umfowethu, futhi omunye wamadoda amahle kunawo onke, amadoda amesabayo uNkulunkulu engiwaziyo, kodwa ngamangala nje ukuthi aka—akakucoshanga kanjani lokho, ukuqonda wona impela umzuzu ukuthi lelo elingaphandle, izwe lehlelo liqala ukwemukela loMlayezo, yilelohora impela Afika ngalo. Ngenkathi zi—ngenkathi zihambile, intombi elele yaqonda ukuthi yayingenamaFutha esibanini sayo, futhi ngenkathi ifika ukuzongqongqotha emnyango ukuba iWathole, kwakungaleyonkathi impela uMlobokazi aphuma ngayo, ngenkathi intombi ehlakaniphile isuka. Kunjalo. Azingenanga, qhabo.

120 Futhi lezozinhlangano ngeke zingene. Ngeke zibenalo ithuba loku, ngesikhathi uMlayezo ufika ngaso, iBandla liyobe selihambile. Ngakho uma bezama ukungena khona manje, sisondele kangakanani na? Lapho sibona njengoba kwakunjalo emihleni yaseSodoma, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu. Wona impela uMlayezo wokugcina, u-Abrahama neNzalo yakhe emva kwakhe, sibona yonke, yonke into ibekwe ngesikhathi nje. Sinesidingo, sekuyisikhathi somnyakazo. Akusikho ukuthi, "Lindani ngize ngiye esikoleni futhi ngizitholele iPh.D., noma iLL.D," kungukuthi, "Ngena eVangelini khona manje, ushumayele." Yebo. Phumelani lapho manje, manje yihora.

121 UJayiru akakwazanga ukulinda kuze kube kusasa, umntwana wakhe wayefa. Bazalwane, asikwazi ukulinda inhlangano entsha, asikwazi ukulinda into ethize ukuba ishukunyiswe, isivele ilapha. Sifanele silethe uKristu enkundleni. Ibandla lePentecostal liyafa. Amen. I-Assemblies, i-Oneness, iTwoness, iThreeness, i—iFoursquare, bonke, bayafa, asiziyeke lezizinto. Zilungile, kodwa ninga . . . vele niyeke ukuqophisana ngalokho, asilethe uKristu enkundleni.

122 Yileyondlela uJayiru, wadingeka alethe uKristu enkundleni kungenjalo umntwana wakhe wayezofa. Ufanele aphuthume ngokukhulu ukushesha, uzofanele agxumele emnyakazweni. O, ngiyakuthanda lokho. Ngena emnyakazweni.

123 O, uma leliqembu, khona lapha kulobubusuku, nina maMethodisti, nina maBaptisti, nina Presbyterian, nina maPentecostal, i-Oneness, iTwoness, iThreeness, nani nonke, uma beningagxumela emnyakazweni, nibeka eceleni amasiko enu nezinhliziyo ezimbi, nilethe uKristu enkundleni; vula inhliziyo yakho, Ulapha. Amen. Isikebhe saKhe sisanda kufika nje, haleluya, enkundleni.

Omunye wathi, "Yebo, ukukholwa kuvela ngokuzwa."

Uthi, "Yebo, Ungena evela esikhumulweni semikhumbi ezansi lapho manje. Ezansi nje ngaphansi kwegquma evela ebandleni lesifunda, Uyeza ezansi lapho manje."

Awu, nangu ehamba, udumela isigqoko sakhe esincane, futhi, "Angikhathali ukuthi bathini."

124 Bathi, "Kulungile, Jayiru, uzozisola ngolunye lwalezizinsuku. Uyazi, uvumbuka ekugcineni okujulile." Wayengenandaba nokuphela okujulile noma kuphela *kuni*, wayazi ukuthi inhliziyo yakhe yayimtsheleni.

125 Futhi akukho-muntu phakathi lapha kulobubusuku, kodwa uma ubungenza lokho inhliziyo yakho ekutshele ukuba ukwenze, mhlawumbe ubuyoba kuleli-altare. Kunjalo!

126 Akukho-mshumayeli okhona, uma ubungenza lokho inhliziyo yakho ekutshele ukuba ukwenze, kodwa ebesiyovuma iphutha lethu. Kunjalo. Ngenkathi uvuma: "He, sengilungele ukuhlanganisa izingalo nezinhliziyo nabantu ukuletha uKristu enkundleni." Leyo yinto esemqoka. Abantwana bayafa.

127 Lencwadi encane *lapha* iphethe lowombono kuyo. Ngenkathi ngibuka laphaya, abazange . . . Angizange . . . Ngenkathi ngenyukela esangweni, akangibuzanga ukuthi ngabe ngangiyiPentecostal Oneness, noma iThreeness, noma iFiveness. Into kuphela okwakuyiyo, Wangivumela nje ukuba ngingene, ngoba ngangimthanda uKristu, futhi nginothando enhliziyweni yami. Yileyonto manje, bazalwane.

128 UJayiru wadingeka aphuthume, umntwana wakhe wayefa. Umntwana kaNkulunkulu uyafa, ibandla liyafa. Sifanele senze okuthize. Ningahle ukuba nikubize ngokufunda ingqondo, ningahle ukuba nikubize ngodeveli, ningahle . . . Angazi ukuthi nakubiza ngani, kodwa uma phansi le ekujuleni enhliziyweni yakho, uma ukholiwe ukuthi bekuyiqiniso, mfowethu, kungcono ubeke isigqoko sakho sobufundisi ekhoneni, bese usho into ethize, bese uhamba. Kunjalo. Ibandla liyafa. Sidinga uKristu enkundleni. Isikhathi sokwenza. Hhayi ukuthi "Lapho ngizizwa ngikuthanda," hhayi, "Lapho ngithatha umcabango olandelayo." Kodwa wadingeka alethe abantu enkundleni, ngoba i, noma, ukuletha uJesu enkundleni, konke okunye kwakwehlulekile.

129 Ngifuna ukunibuza okuthize. Ngabe ibandla lePentecostal lingcono yini kulobubusuku ngoba liziqhekezile cishe ezinhlanganweni ezingamashumi amathathu ezehlukene, noma ngenkathi liqala ekuqaleni na? Niyabo? Buza lokho nje. Siya ngokuba babi njalo njalo siba babi kakhulu. Ngabe abesifazane nabesilisa emabandleni ethu ePentecostal babukeka kakhulu njengabangcwele, bekhuleka na? Ngitsheleni ndawondawo edolobheni lapho benomhlangano womkhuleko ubusuku bonke gulukunqu, nsuku zaphuma, ngenxa yezono ezenziwe edolobheni, njengoba babevame ukukwenza. Ngabe singcono na? Siya ngokuba babi kakhulu.

130 "O, izakhiwo zethu ziya ngokuba zinhle kakhulu." "O, siya ngokuphakama kakhulu ezikhundleni namanye amabandla."

Kodwa ubani ofuna ukufana *nabo* na? Ngifuna ukufana noJesu. Futhi yilapho wonke umuntu abefanele afune ukuba, njengoKristu, asiMlethe enkundleni. Niyabo? Futhi si . . . A—a—amabandla ayafa, ngakho sifanele senze okuthize, sifanele siphuthume. Asinakho konke . . . Asifanele silinde kuze—kuze kube yisikhathi seminyaka eyiNkulungwane ukukwenza. Uma sizokwenza, sifanele sikwenze manje, kungenjalo kuzofa. Kukhona okuzokwenzeka.

131 Nangu ehamba, "Anginandaba." Ubuso bayo obuncane babubomvu. Mfowethu, njalo lapho enza isinyathelo, wayecabanga, "Ngingcono futhi ngingcono ngaso sonke isikhathi." Ake uqale nje kanye, ubone ukuthi kwenzekani. Into yokuqala uyazi, kwenzeka wabuka ezansi ohlangothini lwegquma, futhi kwakwenzekani na? Owesifazane omncane ayemazi, mhlawumbe wesifunda sakubo uqobo, wayehlezi phezulu esiqongweni segquma. Futhi wayazi ukuthi wayekhulume naye ngakho. Futhi wayeshilo, obala ngqo, washo ngesinye isikhathi, mhlawumbe kwakuyinto enjengale: "UJayiru, uyazi ukuthini? Ngiyakholwa ukuthi lowomProfethi laphaya uyiNdoda kaNkulunkulu."

132 "Awu, manje, Dadewethu, ngingeke . . . Kanjani wena—uzizwa unjani ngakho na?" Kusobala, wayefanele abhekisise ukuze azi ukuthi ngabe wayeyisicupho esivela kwamanye amadoda esifunda noma qha, niyazi.

Ngakho wathi, "Awu," wathi, "sewake waMuzwa na?"

"O, yebo, ngezikhathi ezithile ngiMuzwile."

133 "Ngani, angikaze ngiMuzwe, kodwa ngizwile ngaYe." Ngakho ukukholwa kuvela ngokuzwa. "Futhi ngiyakutshela ukuthini, ngikholwa ukuthi uma—uma ubungathola umuntu ozongiwelisa ulwandle lapho, esikebheni ndawondawo, noma, lapho Ekhona, uma kuphela bengingaMthinta, bengingasinda."

Futhi nangu eza, omncane bandla, ewuqhaqhaveyane, ubuso obuphaphathekile, wehla ngosebe. Bukani ediyazela, ebambelele entweni ethize.

Futhi lapho, bonke baphansi lapho, bethi, "Sawubona, Mfundisi ohloniphekile."

"Sawubona, Dokotela? Ngiyajabula ukuba nawe ngapha."

Futhi, "Rabi, ngiyajabula ukubuya futhi. *Ahe*, *ahe*," babukane, niyazi.

134 UJayiru omncane emi phezulu lapho, niyazi, ukuthi nje ukulahla i—i . . . Niyazi, kwakukhona inqwaba yabantu ababeMkholwa, ngakho wayefanele aqaphele, niyazi, ukuthi bathini. Ngakho uyabuya, emva kwesikhashana lona wesifazane omncane, u . . . Wathi, "Ungangisiza, mnumzane onomusa, ukuba ngifinyelele lapho ukuba . . . Ngingathanda ukukhuluma naYe na?"

135 "O, ungakulaleli lokho. Simi nje phandle lapha, siyahamba, silungiselela ukumcupha. Simcuphele ugibe kulokhu ukusa, sizomthola ngempela kulokhu ukusa. Bhekisisa nje," niyabo, "thina, yingalesosizathu, simbiza ngo, 'Halo, lapho, Dokotela. Halo, Rabi.' Niyabo, simcuphele ugibe, sizomcasula kulokhu ukusa." Ngakho lokhu . . . "Ngoba bathi wazi izimfihlo zenhliziyo. Simlungisele konke."

136 Njengoba omunye umuntu ayengenzele khona ngobunye ubusuku, futhi wehluleka, ngenkathi uMoya oNgcwele wehla. Futhi angazi noma nikuqaphelile noma qha, kodwa impela kwakwenza, kwaba yisikhubekiso esikhulu kulowomfana omdala.

137 Kwase kuthi-ke ngenkathi—ngenkathi bona, into yokuqala niyazi, wafika, wathi . . . Wahamba wehla. Akakwazanga ukufinyelela kuYe, ngakho waguqa phansi ngezandla zakhe namadolo, waqala ukugaqa phakathi kwezinyawo zabo, *kanje*, waze wasukuma. Futhi mhlawumbe, uJayiru omncane emi phezulu lapho embhekisisa, lapho ethinta umphetho. Ukubukeka okuncane, okuthokozile, nokho, kufika ebusweni bakhe, wabuyela emuva phandle lapho.

138 NoJayiru wayemile ebhekisisa lokho, niyazi, ebhekisisa, wathi, "Ngimbonile, futhi ngiyamazi, futhi wahamba wadabula lapho futhi wathinta ingubo yaKhe, futhi manje, usebuyele emuva phandle lapho, futhi ubukeka sengathi uthokozile. Ubukeka kanjalo ukuthi . . . Wangitshela ngesinye isikhathi, uma kuphela engaMthinta, yilokho okuyokwenzeka, uzosinda. Futhi ngiyazi odokotela bamdela kudala, selokhu aqala ukuya esikhathini, ngalowomopho, ubenawo lapho iminyaka neminyaka. Futhi ngakho-ke, into encane bandla, ngamzwela. Umyeni wakhe wathengisa amahhashi nakho konke futhi wakhokha isikweletu sikadokotela, futhi akangcono nje kunoma wayelokhu enjalo. Yena, into encane bandla, ngiyamdabukela."

UJesu wama, waqalaza, wathi, "A, *ahe*, ubani oNgithintile na?"

Futhi wathi, "Ngani," umphostoli wathi, "ngani, wonke umuntu uyaKuthinta. Kungani—kungani Usho into enjengaleyo, Rabi," noma—noma, "Nkosi na?" Yena . . .

139 Wathi, "Kodwa Ngi—Ngibe buthakathaka, Ngi—Ngizwe okuthize kuphuma kiMi, kuphume amandla kiMi." Futhi Waqalaza kowesifazane omncane, futhi wamtshela, umopho wakhe wase unqamukile.

140 Sengathi ngiyabona lokho kwamkhuthaza uJayiru omdala, anicabangi kanjalo na? Ngokuqondile nangu eza, egijima wayesethi, "Nkosi, intombazanyana yami isilele manje iseduze kokufa."

"Nkosi," wathi, "Nkosi." O, yebo, ulungile, akasilo uhlanya manje. O, qhabo, hhe-e. Unesidingo saKhe.

141 Ungahle ubize lokhu ngakho konke ofuna ukukubiza ngakho, kodwa ngolunye lwalezizinsuku lapho wehlela ngqo embhedeni, kuyokwehluka. Kunjalo. Ngeke kube ngumgingqiki ongcwele, isigejane sabantu abahlanyayo ngalesosikhathi, kunjalo.

142 "O, Rabi, Nkosi, Nkosi yami, intombazanyana yami ilele isiseduze kokufa, uma nje Uzoza futhi ubeke izandla zaKho phezu kwakhe, i—izophila, i . . . yonke into izolunga. Udokotela usanda kuhamba cishe ihora eledlule. Rabi, ngi—ngi—ngi—ngidele konke. Ngi—ngi . . . Bazongikhahlela bangikhiphe enhlanganweni, yonke into, kodwa ngi—bengi—bengihlala njalo ngiyikholwa kuWe. Kodwa ngiyaKutshela, kukhona okusebenzile, ngaze ngadingeka nje ngikuvume, ngakho ngilapha. Intombazane yami izofa, futhi uma nje Uzoza futhi ubeke izandla phezu kwayo, ayiyikufa, izophila."

UJesu wathi, "Ngizohamba. Ya, Ngizohamba nawe."

143 Futhi Uqala ngokuhambisana nakho kanjalo. Futhi sengiyabona umpristi ethi, "Uzwile ukuthini, nokuthi ubani lowo na? Awu, lowo nguDkt. Jayiru. He! Ungathini nje ngaye na? Kuthiwani nge . . . ? Ingeke yini inhlangano kasosesheni imxoshe! O, usenakho manje. Mfowethu, enkomfeni elandelayo impela bazokuthela kuye. Asiwele sonke nje, Mfowethu, ukubona nje ukuthi umpristi omkhulu uzothini, ukuthi bazo . . . ukuthi bamxosha kanjani."

144 UJayiru omncane wayengenandaba, indodakazi yakhe yayifa. Futhi wayene, wayenokunaka kukaJesu, yilokho kuphela ayekukhathalela. Futhi inqobo nje uma uthola ukunaka kwaKhe, mehluko muni, noma yini enye eyenza noma yimuphi umehluko na? Ehamba kanjalo, futhi, lapho ehamba, ehamba, niyazi. Nowesifazane omncane wayejabule kakhulu ngoba umopho wakhe wase unqamukile.

145 Bese kuthi-ke into yokuqala niyazi, nakhu kufika indoda, ngale kwegquma, impongoloza, "Ungazihluphi, ungakhathazeki." Kwase-ke kufika igalelo laphakathi nobusuku, o, he, lokho kushaya, "Awusho, Jayiru, ngikutshelile, ubungafanele wehlele lapho. Niyabo? Nakhu kufika igosa nabo bonke. Intombazane yakho ifile cishe ehoreni eledlule. Ngikutshelile. Izinsuku zezimangaliso selwedlule."

146 O, he, lelogalelo laphakathi nobusuku, niyazi, inhliziyo yakhe encane iqala ukugxuma, wacabanga, "O, o, o! Ngi—ngiMtshelile uma Ezofika abeke isandla sami, e, izandla zaKhe . . . "

147 Manje, wayenokukholwa e*zandleni* zikaJesu. Lokho ngukuthi . . . WayengumJuda. Manje, kwakwehlukile, uPetru, ngalobobusuku ngenkathi Ehamba phezu kwamanzi, ngenkathi ebone uJesu ehamba, wacabanga ukuthi Kwakungumoya, wathi,

"Nkosi, uma kunguWe, yisho ukuba ngize." Igama lalingukuthi, "Woza." Kunjalo. Kunjalo.

148 Kwase kuthi-ke usuku ngenkathi ebamba inhlanzi, wadonsa ubusuku bonke, wayengatholanga nhlanzi nhlobo. Wathi, wamtshela, wathi, "Ngingaboleka isikebhe sakho umzuzu ukuba ngishumayele kuso, Simoni na?"

"Yebo."

Awu, Washumayela kuso isikhashana. Wathi, "Manje qhubekela ekujuleni bese wehlisela ukudonsa." Niyabo?

149 Futhi wathi, "Nkosi, uma Uzobeka izandla zaKho phezu kwamanzi, ngi—ngi—ngikholwa ukuthi Ungabeka inhlanzi lapho. Sisebenze kanzima ubusuku bonke futhi asibambanga lutho," qhabo, qhabo, "Nkosi, sisebenze kanzima ubusuku bonke futhi asibambanga lutho, noma kunjalo, ngeZwi laKho, ngizokwehlisa inetha." Yilokho-ke. "NgeZwi laKho, ngizokwehlisa inetha." [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

150 "Hamba uye echibini laseSilowama futhi—futhi ugeze." Manje, kwakuthinta ini ukukholwa kwakhe na? Ngokushesha nje lapho engathola ichibi. Niyabo? Uma engake. . . "Awu, ngayiphi indlela eya echibini loThunyiwe. Kungayiphi indlela na? Omunye akangisize ngiye echibini."

"O, ufunani echibini na?"

"Akwenzi mehluko, ngisize ngiye echibini, ngoba ngiyazi lapho ngifika echibini!"

"Omunye akangisize emhlanganweni."

"Awu, uyaphi na?" Niyazi ukuthi ngiqonde ukuthini. "Ubungeke uphakamise. . .? Ubungeke uye kulesosigejane ubungakwenza na?"

151 "Awu, ngisize nje ngiye lapho, yilokho kuphela engifuna ukukwazi. Ngiyise lapho." Amen. Ngiyakuthanda lokho. Yebo, mnumzane. Ngiyise esigejaneni sabantu lapho engingabona khona iBhayibheli liphila, lapho engingabona khona uKristu ephila kubantu. Ngiyise phakathi kwaleloqembu.

"Ngisize ngiwelele echibini loThunyiweyo."

152 Futhi bathi nje bangasho, "Awu, nakhu la ukhona," elinye inenekazi elinomusa, noma enye *into ethize enye* iyedlula, yase imfaka esandleni sakhe—sakhe—sakhe, yase imyisa ngale echibini, yathi, "Mfo omdala, nanti ichibi, kungani kuyilo na?"

153 "O, ngineZwi likaNkulunkulu nje elingitshele ukuthi ngenkathi ngigeza, ngiyobona." Futhi, o, he! O, ukubona kwakhe kwafika kuye, wase-ke ebuya ethokoza. Kwakuyichibi kuye.

154 Kodwa ngenkathi uMariya, ngalokho kusa ngenkathi edingeka athathe i. . . ehle futhi akhe amanzi emthonjeni, futhi wabuka emi lapho, futhi nakho kumi okukhulu, ukuKhanya okukhanyayo, wabuka lokho kuKhanya, kwakumboze

iNgelosi eyathi yayinguGabriyeli, yathi, "UMoya oNgcwele uzokusibekela, futhi uzozala uMntwana, ungazi-ndoda," wathi, "Bheka incekukazi yeNkosi, makube-kimi ngokweZwi lakho," Yilokho kuphela ayekufuna.

155 Wayengafuni uku. . . Akashongo ukuthi, "Awulinde, manje, lapho ngisibekelwe, bese kuthi-ke uma ngizwa ukuphila, khona-ke ngiyahamba ngiyofakaza na? Lapho senginezinyanga cishe ezine, ngabe kuzolunga-ke na? Noma ngifanele ngifakaze nini ngakho na?" Akabuzanga-mbuzo, wayeneZwi lakhe, nalokho kwakwenele kuye, waqala ukufakaza ngayo leyonkathi.

156 Futhi ngininika iZwi laKhe: "Ngemivimbo yaKhe naphiliswa." Amen.

157 Wena ongenawo uMoya oNgcwele, ngikunika iZwi laKhe: UPetru wathi ngoSuku lwePhentekoste, ngenkathi abagxeki babemi bezungezile, wathi, "Phendukani, yilowo nalowo, abhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono zenu, khona niyakwamukeliswa isiphiwo sikaMoya oNgcwele. Ngokuba isithembiso ngesenu, nesabantwana benu."

"Awu, u—umbhishobhi wangitshela, igosa langitshela, indoda yesigodi yangitshela, umelusi wangitshela ukuthi lezo zinsuku zase zihambile."

158 Angikhathali ukuthi bathini, iBhayibheli lathi, "Isithembiso ngesenu, nesabantwana benu, nesabo ababiziweyo, bonke iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza." Lelo yiZwi laKhe, Lemukele. Wathumela iZwi laKhe. Kuthatha lokho-ke, iZwi laKhe. Kodwa uJayiru wayefuna izandla zaKhe. Niyazi, ngicabanga ukuthi uNkulunkulu unguNkulunkulu olungileyo, Wa—Wakwengamela ukuba. . . ngena lapho ngandlela thize.

159 Niyazi, inqwaba yabafundi, bakholwa ngokushesha nje lapho bezwa izwi lokuthi uJesu uvukile kwabafileyo, bathi, "Akabongwe uNkulunkulu, lokho kuhle." Kodwa uTomase wathi, "Ngifanele ngifake iminwe yami emilobeni yezipikili esandleni saKhe. Ngifanele—ngifanele ngikuzwe, ngi—ngifanele ngikubone mina uqobo, ngikubone kusebenza kwabanye emihlanganweni, kodwa kufanele kube kimi." O, uTomase unenqwaba yabantwana, kodwa u. . . Kodwa uNkulunkulu unguNkulunkulu olungileyo, U—Usebenza ngapha noma kanjani.

Wathi, "Woza lapha, Tomase, Ngiphathe. Manje, kusebenza kuwe. Uyakholwa, Tomase na?"

Wathi, "O, ya, UyiNkosi yami manje. Ngiyakukholwa manje."

Wathi, "Mkhulu kangakanani umvuzo wabo ongakaze babone kepha nokho bakholwa!" Amen. Bathatha iZwi likaNkulunkulu ngakho, yilokho kuphela. Amen.

O! Futhi ngehlela nje endikimbeni yami. Bekukuphi na? Ake sibone. O, yebo. Yebo, mnumzane.

Khona-ke awu—awu, asimthathe. Nangu ebuyela emuva phezulu futhi nampa bonke abagxeki bephuma, niyazi, bethi, "Nanguya ehamba."

160 Ngakho into yokuqala ngenkathi isigijimi sifika sase sithi, "Awu, ungabe usazihlupha." Sathi, "U—u . . . Ingane ifile, ifile. Sesivele siyibeke phezulu lapho, futhi inezimbali kuyo, futhi inezingubo zokugqumisa, uketshezi kuyo. Futhi asisekho isidingo sokudlala, inganyana isivele ifile. Udokotela uyabuya, sahamba, samthola, futhi wamemezela ukuthi seyifile, futhi usevele usendlalile, futhi iyabanda, ilele ekamelweni esofeni wokufa. Futhi—futhi bonke abalilayo bakhona, futhi kukhona isililo ngapho, awukaze uzwe lutho olunjengaso. Ngakho . . . "

161 UJesu, ehamba enganyakazi. O, ngiyakuthanda lokho! Beningeke nje niMbone yini, bazalwane na? Akuzange kuMkhathaze nakancane. UJayiru omncane, inhliziyo yakhe yayishaya, niyazi, wathi, "*Hhefu*, *hhefu*," wabuka ngale.

UJesu, ngiyaMbona nje ephendula lawomehlo wayesethi, "ANgishongo yini kuwe ukuthi, 'Kholwa kuphela'?" O!

162 Yilokho engikusho kini: Kholwani iZwi likaNkulunkulu kuphela uma nifuna ukubona inkazimulo kaNkulunkulu. Kholwa kuphela, akunandaba ukuthi omunye umuntu uthini, ukuthi ugula kangakanani.

"Kodwa, Mfowethu Branham, udokotela uthe ngangizofa ezinsukwini ezimbalwa." Kholwa kuphela.

"Uthe ingane yami ayikwazi ukusinda." Kodwa kholwa kuphela, yilokho kuphela. Kholwa kuphela ukuthi uNkulunkulu wasenza isithembiso.

163 "Angeke ngiphinde ngihambe, Mfowethu Branham, udokotela ungitshelile ukuthi angeke." Kholwa kuphela, ngokuba konke kuyenzeka kwabakholwayo. Kholwa kuphela, kholwa kuphela. Yilokho kuphela ofanele ukwenze, kholwa nje, akunandaba . . . Futhi manje-ke kwakuyini na? Usevele ufile. Yini manje na? Ukukholwa kuphela. Mm! Ngizizwa nginokukholwa khona manje, ngobuqotho ngiyakuzwa. O, he! Kholwa kuphela!

"Ifile?"

"Yebo."

164 O, ngiyakhumbula ngenkathi Ekhuphukela ethuneni likaLazaru, "Uma Ubulapha, umnewethu nga engafanga. Kodwa nakalokhu, noma yini Oyicela kuNkulunkulu, uNkulunkulu uzokunika yona." Yilokho-ke.

165 "NgingukuVuka nokuPhila," kusho uNkulunkulu. "Okholwa yiMi, noma efa, wophila. Ophila akholwe yiMi akasoze afa. Uyakholwa yilokhu na?"

166 Wathi, "Yebo, Nkosi." O, ngiyakuthanda lokho. "Yebo, Nkosi, ngiyakholwa ukuthi Wena unguKristu obezakuza ezweni. Wena Ungogcotshiweyo. Ngiyakukholwa ngenhliziyo yami yonke."

Wathi, "Nimbelephi na?" Amen.

167 Akazange athi, "Ngizokwehla futhi ngibone ukuthi yini engingayenza ngakho." O, qhabo. O, qhabo. "Niyimbelephi na?"

168 Akazange athi, "Jayiru, awu, Jayiru, ngiyaxolisa ukuthi ngikubangele lenkathazo. Manje, ibandla lakho likuxoshile, futhi usenkathazweni nabazalwane bakho, nakho konke lokho, ngi—ngiyakwazi lokho," nakho konke. "Ngiyakudabukela ngempela, Jayiru, kodwa, ukuba beNgifike lapho masinya kancanyana, ngani, bekungahle ukuba bekulungile, kodwa, Jayiru, Ngi—Ngi—Ngiyaxolisa ukukubangela lenkathazo." O, qhabo. O, qhabo.

169 Wathi, "ANgishongo yini kuwe, 'Kholwa kuphela, uma ufuna ukubona inkazimulo kaNkulunkulu'?" O, ngiyacabanga lokho kwasiza inhliziyo yakhe, aninjalo na? Sengathi ngiyabona ngibona inhliziyo yakhe encane yeqa lokho kushaya, iqala nje ukushaya ibuya ikahle futhi.

170 Khona-ke amehlo akhe ayesukile egoseni, esukile kumpristi omkhulu, esukile kulo lonke ibandla. Futhi ehambahamba, ethi, "Uzokwenzenjani enkomfeni elandelayo, mfana na? Uzokwenzenjani na?" Kodwa wagcina amehlo akhe kuJesu. Amen. Nakho lapho okhona. Gcina amehlo akho ekuJesu, angikhathali ukuthi omunye umuntu uthini.

171 "Uzothini umakhelwane na?" Angikhathali ukuthi umakhelwane uthini. Lokho akuhlangene ngalutho, kuyilokho okwashiwo nguNkulunkulu. Umakhelwane akasuye umahluleli wami, uNkulunkulu unguMahluleli wami, Uzongehlulela ngoJesu Kristu, engiMlandelayo. Amen. Akunandaba ukuthi noma ubani omunye uthini, yiLokho uNkulunkulu akusho, yilokho okukwenza kube yiqiniso. Amen. UNkulunkulu wakusho, kukwenza kube yiqiniso. Abagxeki bangasho noma yini abafuna ukuyisho, kodwa ku—kuthatha Lokho uNkulunkulu akushoyo ukukwenza kube yiqiniso. Kulungile.

172 UJesu wathi, "Kholwa kuphela." Ukholwa ini na? Kholwa ini manje na? Ifile! Kholwa *ngokungenakwenzeka*. Amen. Kulungile. Kholwa ngokungenakwenzeka. "Ngani, emva kokuba isifile futhi yagqunyiswa, uyakholwa manje na?"

"Impela, ngikutshelilile nje ukuthi kholwa, ufuna ukubona inkazimulo kaNkulunkulu."

"Kholwa ini na?"

173 "Kholwa noma yini. Noma yini . . . Ngiqinisile, Ngithi kini, uma nithi kulentaba, 'Nqukuleka,' futhi ningangabazi enhliziyweni yenu, kholwa nje kuphela, ungaba nakho okushoyo." Kunjalo.

174 "Okholwa yiMi, noma efa, wophila. Okholwa yiMi akasoze afa. Uma nihlala kiMi neZwi laMi likini, celani enikuthandayo, futhi niyakuphiwa khona." Ngabe kunjalo, zonke lezizithembiso na? "Imisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza, nani. Imisebenzi emikhulu ngokwedlulele kunalo niyakuyenza, ngoba Ngiya kuBaba waMi." Zonke lezizithembiso lapha: "UJesu Kristu unguye izolo, namuhla, naphakade. Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu," *ya*linyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, "yalinyazwa ngenxa yobubi bethu, isijeziso sokuthula kwethu siphezu kwaYo, ngemivimbo yaYo *sa*philiswa thina." Kholwa kuphela, kholwa kuphela.

175 Uyeza masinyane. Waletha u-Abrahama, wamlungisisa, wamngcwelisa, wamgcwalisa ngoMoya oNgcwele, wambeka njengendodana, waZibonakalisa ephila ngokufulathelisa umhlanje waKhe, futhi ekhuluma, esho okwashiwo nguSara ethendeni, wase-ke eguqula umzimba wakhe, wayesemkhipha, umnika indodana.

176 Wenze into efanayo ngeNzalo ka-Abrahama, konke ngaphandle kokuguqula umzimba, walungisisa, wangcwelisa, wagcwalisa ngoMoya oNgcwele, wabeka iNdodana, uza phakathi kwethu manje, ezikhombisa Yena uqobo ephila, futhi silindele ukuguqulwa komzimba, ukuba kufike uHlwitho, ukusithatha sikhushulwe ukuba sihlangane naYe. Nakhu, ngesikhathi nje. Kholwa kuphela. Qhubeka nje umasha. Iwashi elikhulu lesikhathi esikhulu sikaNkulunkulu lishaya kahle impela nje. O, ngokuba i . . . Kholwa kuphela. Impela.

177 Ngakho uJesu ekugcineni ufika endlini, kukhona wonke umuntu empongoloza, "O, Nkosi, O, Nkosi, Ukwenzeleni na? Ukwenzeleni na?"

UJesu ungena nje ngokuzotha, ethule, wathi, "Thula, yipha ukuthula. Intombazane ayifile, ilele kuphela."

Futhi, manje-ke, iBhayibheli lathi, baMhleka.

Wathi, "Manje, uyazi ukuthi uluhlobo luni lomprofethi, ngenkathi siyigqumisile futhi Uthi ilele."

178 Ungathini nje na? NeBhayibheli lathi, "BaMhleka usulu," benza ihlazo, baMhleka usulu. Niyazi ukuthi Wenzani ngenkathi behleka iZwi laKhe na? Wabakhipha. Futhi yilokho impela esizokwenza ekupheleni.

179 Futhi wena mgxeki, yilokho okuyokwenzeka kuwe ngolunye lwalezizinsuku, uhleka iZwi laKhe, futhi uhleke imisebenzi yaKhe, wena uthi, "Labobantu bangabagingqiki abangcwele okhuluma ngezilimi futhi esina eMoyeni." Uthi bayisigejane sabagingqiki abangcwele, uhleka iZwi laKhe, ngoba lelo yiZwi elenziwe inyama yomuntu, lapha, lihlala phakathi kwethu.

180 Abanye benu bashumayeli phandle lapho, nithi lokhu ngukufunda ingqondo, noma udeveli, noma into ethize efana

naleyo, ngoluny'usuku uyofanele ukuhoxise lokho eBukhoneni baKhe. Uyokukhipha eMbusweni waKhe ngenxa yakho. Kunjalo. Angeke avumele abantu baMhleke, Uzobakhipha futhi.

181 Wadabula endlini wayesekhipha sonke isigejane sabo. Wonke umuntu wahleka, waphuma.

182 IBhayibheli lathi, "Uma ukhuluma okukodwa . . ." Ngenkathi uJesu emi lapho ngalolosuku futhi—futhi wayehlukanisa imimoya, nalezo isigejane sabapristi sathi, "Ngani, lowo nguBelzabule, umbhuli," noma ubani uyazi ukuthi umbhuli ungudeveli, ngakho wathi, "lowo nguBelzabule, umbhuli," bebiza umsebenzi kaNkulunkulu uqhubeka, umoya ongcolile, UJesu wathi, "Ngiyanithethelela ngalokho, kodwa ngolunye usuku uMoya oNgcwele uyofika, khona-ke ukhuluma izwi elilodwa elimelene naWo, yilokho kuphela ofanele ukwenze, futhi awusoze wathethelelwa kulelizwe, futhi kwelinye iZwe uyokhishwa futhi." Kunzima kanjalo-ke. Niyabo? Yebo, mnumzane.

183 Akukho neze ukuthethelelwa kwakho kulelizwe, noma eZweni elizayo, ukuhlambalaza, noma ukukhuluma, noma ukubiza uMoya oNgcwele ngento engcolile. Wabakhipha. Niyabona ukuthi kwenzekani namhlanje na? Into efanayo. Niyabona lapho bephumela khona, bephumela ezweni, ngokomoya.

184 Niyayikhumbula inhlupheko yokugcina eyashaya iGibhithe na? Kwakuyini inhlupheko yokugcina eyashaya iGibhithe na? okwakungumfanekiso weBandla liphuma. Kwakungukufa. Yini inhlupheko yokugcina eshaye ibandla lePentecostal na? Ukufa ngokomoya. Libuyela emuva ngqo njengalo lonke izwe, ukufa kokomoya. Kodwa abasokiwe, benegazi emnyango, bathatha imashi ebheke ekhaya, kunjalo impela, neNsika yoMlilo ihamba phambi kwabo ukubaholela kude.

185 O, ngijabula kakhulu kulobubusuku, ngijabula kakhulu, kulobubusuku, ukwazi ukuthi kukhona ukusokwa kwenhliziyo, ukuthi uNkulunkulu uzonquma asuse lonke izwe, nawo onke amasiko abantu, nakho konke okunye, futhi singambona uJesu, futhi siMbone emi lapho eNsikeni yoMlilo, ehamba ngaphambili, enza imisebenzi, futhi enza khona impela uNkulunkulu athi kuyokwenza, futhi aveze iBandla eligcwaliswe ngoMoya oNgcwele, futhi enza imisebenzi, Ayisho. Ngijabula kakhulu, kulobubusuku, ukuthi lokho yi . . . Ngi—nginjalo, ngingumuntu ojabule kunabo bonke kulelizwe ngenxa yakho, ngenxa yokuthi Wakwethembisa.

186 Ya, Wabakhipha, ngoba bahleka iZwi. Ya. Wayesebakhipha bonke, kwase kuthi-ke uJesu wayeyedwa enani na? Abadabukile enhliziyweni, nabathembekile. Waletha uPetru, uJakobe, noJohane: ukukholwa, ithemba, nothando, wabafaka

esakhiweni kanye naYe, wabeka bonke abanye ngaphandle, khona-ke uJesu wayeyedwa namakholwa ayedabukile enhliziyweni, bekhala izinyembezi ngenxa yokuthi babe... intombazane yabo encane yayifile ilele lapho, into encane yayibekwe phandle, isidumbu, izimbali zibekwe ngakuyo. Susa bonke abangakholwayo basuke kuYe, kanjalo.

187 O, kul'khuni kanjani lapho ukungakholwa! Njengayizolo ebusuku ngenkathi sihlezi lapha emhlanganweni, lowomusho wokungakholwa washaya lendawo, yayingukuthi nje, yayesabeka. Ngobunye balobubusuku, ngizofinyelela phansi nje bese ngibiza labobafo baphume. Kuzolimaza inqwaba yemizwa, kodwa kuhle.

188 Ngangivame ukwenza lokho ngaso sonke isikhathi, futhi niyazi ngangikwenza. Kodwa ngi—ngibambile, ngazibamba kukho, ngoba nje umuzwa wabantu, ngoba uma usiphula u—ukhula, uthola inqwaba kakolo, futhi. Niyabo? Ngakho, manje, sekusondele kakhulu esikhathini sokuphela manje, ngakho-ke sizoqhubeka nje, silokhu simasha nje. Kodwa lapho...Ku—ku—kuthiya abantu, kuthiya ngempela abantu abangakwazi ukuba nokukholwa, abangakwazi ukukholwa, niyabo, lapho okunjengalokho kwenzeka.

189 Futhi ngakho-ke, kwase kuthi-ke ngenkathi Ekhipha yonke into, wonke umuntu ngaphandle nje kokukholwa kwaKhe, ithemba, nothando, kumi lapho, uPetru, uJakobe noJohane, abathembekileyo, nobaba okholwayo wangempela, umama, Wahamba waya phezu kwesidumbu. O! Niyabo?

190 Wayengeke akwenze, emi lapho, bonke bethi, "Ngani, bukani lokho na? U*mprofethi*, futhi uthi ilele. Manje, nginitshelile, nganitshela, nganitshela. Niyabona ukuthi kunjani na? Lokho—lokho...Akukho lutho kukho. Lapho...kuyisigejane esikhulu nje semizwa, ukwenziwa, yilokho kuphela okukhona kukho."

191 UJesu wayengenakwenza lutho ngakho, Ubengeke enze lutho ngakho kulobubusuku. Ngenkathi Efika ezweni laKubo uQobo, hhayi noma yini, imisebenzi eminingi Ayengayenza, ngenxa yokungakholwa kwabo. Nabo beqhubeka kanjalo, kanjalo Wayengeke akwenze ngaleyonkathi, futhi Angeke akwenze kulobubusuku. Kodwa uma nje Engake aze abavalele ngaphandle endaweni ukuthi Wayengaba namakholwa!

192 Wayesehamba-ke eya phezu kwesidumbu esasilele lapho. Intombazane encane yayifile, mhlampe igqunyisiwe futhi ilele ngaphandle. Waya ngale futhi wayibamba ngesandla, wabuka phandle lapho ezweni lasemkhathini, ngaleya ndawondawo lapho umphefumulo wayo wawuye khona, wayesethi, "Ntombi, vuka."

193 Kwakungaba khona kanjani ukufa ebukhoneni bokuPhila na? Intombazane encane, imibimbi ebunzini layo iqala, ibunzi layo elincane elibushelelezi liqala ukushwabana, namehlo ayo

avuleka. Wayibamba ngesandla, wayeseyiphakamisa, wathi, "Inike ukudla. Futhi unga, nje ungasho lutho ngakho. Bayeke bodwa phandle lapho. Ungabatsheli lutho, vele—vele uqhubeke." Niyabo? "Kuyeke kuhambe."

194 O, he! Konke kuyenzeka, kholwa kuphela. Wayeyini na? WayeyiZwi likaNkulunkulu, inyama. Futhi, kulobubusuku, lapho . . . LowoNkulunkulu ofanayo u, iZwi likaNkulunkulu elifanayo lisenyameni yakho, uma uKristu ephakathi lapho. Futhi UyiNkosi uJesu ofanayo, ungathinta ingubo yaKhe, kumbe noma ngabe yini oyifisayo. Uma uzokholwa kuphela ukuthi Ulapha, Uzokwenzela into efanayo. Niyakukholwa na?

195 Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje. Ngizocela umshayi we-ogani lapha, uma bezoya e-oganini umzuzwana nje. Ngifuna nidlale elithi *Kholwa Kuphela*.

196 Wonke umuntu, manje ngiyacela ningayaluzi. Umzuzwana nje. Emva kokushumayela kanjalo, kuthi ukuba yinto el'khuni. Ngifuna nje ukukhuleka, futhi ngifuna ukubona ukuthi Uzokwenzani, nicele Azongenzela khona, nicele Azonenzela khona.

197 UBilly, ungitshelile namhlanje, yena, noma, ngenkathi ngingena phandle lapho esikhashaneni esedlule, ngenkathi ngenyusa umkami nabo, wathi, "Babayi, ngifike sekuleyithi kancane lapho, futhi ngixovekile, angikhiphanga makhadi omkhuleko." Wathi, "Awushumayeli ngani nje kubo kulobubusuku na?"

198 Ngathi, "Kulungile, ngizokwenza lokho nje." Ngakho, kodwa ngiyezwa ukuthi sizokhulekela abagulayo noma kanjani, noma ngabe sinamakhadi omkhuleko noma qhabo. Niyabo? Sizokhulekela abagulayo noma kanjani.

199 NgiyaMbona emi lapho noJayiru. Ngiyasizwa lesosigijimi sithi, "UngaMkhathazi, i—isivele ifile. Umntanakho usefile, unga—unga—ungabe usabe usahlupha. Onke—onke amathemba alisekho." Naleyonhliziyo igxumagxuma yaleyondoda encane!

200 Mhlawumbe, ngenkathi ngishilo esikhashaneni esedlule, si, ngeke sibe nomugqa womkhuleko, akazange anikeze abagulayo, amakhadi abagulayo, inhliziyo yakho ingahle ukuba igxumagxumile, futhi. "Ngiyeza, Mfowethu Branham, ukuba ngi . . . Ngi—ngi—ngifuna ukuthola ikhadi lomkhuleko kulobubusuku, ngifuna ukukhulekelwa." Kholwa nje kuphela. Uma nje—nje ukholwa kuphela, yilokho kuphela. Usevele ushilo iZwi, kholwa nje kuphela. Awudingi ukuba wenyukele lapha, hlala nje lapho okhona futhi ukholwe kuphela, ngokuba Wathi, "Konke kuyenzeka, kholwa kuphela."

201 Ngifuna nibe nenhlonipho yokuzithoba ngempela. Khulekani nje manje. Wonke umuntu ogulayo phakathi lapha, wonke umuntu ophakathi lapha ogulayo futhi ofuna uKristu eze kuwe, ngifuna uphakamise isandla sakho. Phakamisa isandla

sakho nje noma ngabe ukuphi, umuntu ogulayo phakathi lapha. Kulungile. Nje yonke indawo, kucishe kuqine impela.

202 Okwamanje, bekani izandla zenu phansi. Manje, wenzani lowo wesifazane omncane na? Wathinta ingubo yaKhe. Wehlela lapho sekwedlule isikhathi ukuba athole ikhadi lomkhuleko, singasho. Kodwa wathinta ingubo yaKhe. Wathola ukuphulukiswa kwakhe, ngokufanayo nje njengoba intombazanyana yadonselwa umoya wayo wabuya, noma ngabe Wabeka izandla phezu kwayo, noma ngabe Wayithinta, noma—noma, bobabili babengumJuda, ngakho noma ngabe yaMthinta, noma, intombazane efile yayingenakuMthinta, ngakho Wadingeka athinte intombazane efile. Ngakho ningaMthinta kulobubusuku, UngumPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu.

203 Nina eniphandle lapho ezethamelini, nonke niyizihambi kimi. Ngibona uMfowethu Ed Daulton ehlezi *lapha*. Futhi ngiyazi ukuthi nginabanye abangane. Ngi . . . O, ohlezi ekhoneni *lapha* ngabanye abafo abavela eTennessee, ngisanda kuhlangana nentombazane esencane nje phandle lapha ehholo ingena.

204 Manje ngizosho lokhu: Uma ungongakholwayo, bengingeke ngisho ngihlale esakhiweni, noma ngasesakhiweni. Ngoba ngifuna ukunitshela, ukuthi uma imimoya emibi, njengomdlavuza noma okunye nokunye, ingashiya . . . Futhi sonke sazi ukuthi kuyizimpilo, ngoba kukithi kubhubhisa izimpilo zethu. Futhi khumbulani, eBhayibhelini ngenkathi leyomimoya emibi iphuma komunye, yaya komunye. Ngakho uma ungesilo ikholwa, bengingeke ngisondele manje, ngoba kukhona amakholwa asondele. Futhi khumbulani, kukangaki nginiyala, kukangaki nginikhombisa, ukuthi lezozinto ziyenza na? Emva kokuphela komhlangano, iningi njalo kukhona oshaya ucingo, noma abhale, "Mfowethu Branham, nga—nga—ngangingongakholwayo, futhi ngahamba ngolunye usuku, ngenkathi lowo wesifazane, wamtshela ukuthi wayenomdlavuza, ngathi, 'Lowo ngumbhedo,' nodokotela wangitshela ukuthi nginomdlavuza manje." Niyabo? Niyabo? Khumbulani nje. Ngikhuluma eGameni leNkosi uJesu. Kukuwe, kukuwe.

Manje, yibani nokukholwa nje futhi nikholwe.

205 Baba wethu OseZulwini, Malingcweliswe iGama laKho. UMbuso waKho mawufike. Mayenziwe intando yaKho emhlabeni, njengaseZulwini.

206 Nkulunkulu oPhakade nonoMusa, ngiyakhuleka kulobubusuku, ukuthi Wena kulezizethameli . . . Ngiyathanda nje ukukhuluma ngaWe, Jesu. U . . . Ube yimpilo yami iminyaka engamashumi amathathu nanye. NgiKuthanda kanjani! Kanjani, ngijabula kakhulu ukuthi ngalobobusuku, ukuthi ngi—ngiKwamukele njengoMsindisi wami! Ngijabula kakhulu, ngijabula kakhulu ukuthi ngenkathi Ungithuma

ukuba ngihambe ngishumayele iVangeli, kwase kuthi-ke ngalobobusuku ngenkathi Ungitshela, "Hamba, ukhulekele abagulayo," futhi wangitshela ukuthi leyomibono yayikade iza, kwakungesikho lokho abazalwane bami ababengitshele khona ukuthi kwakungumoya omubi, kodwa KwakunguWe, futhi Kuyoshukumisa isizwe sonke, umhlaba wonke ungene emvuselelweni, futhi Kukwenzile, Nkosi. AmaZwi aKho aqinisile.

207 Kwase kuthi-ke ngenkathi Umi lapho, phezu kwami, ngalolosuku ezansi emfuleni, ngenkathi lezozinkulungwane zabantu zimi lapho zibuka, khona impela ngelesibili nqo ntambama, phandle kulezozibhakabhaka ezisathusi, nalokho kuKhanya okukhulu kuduma kuzungeza ngaphezulu, iPhimbo lithi, "Njengoba uJohane umBhaphathizi wathunyelwa, loMlayezo uyoba ngowesiBili, ngaphambi kokufika kukaKristu," futhi siyabona, Nkosi, Kwenze yona impela leyonto, futhi sibona isikhathi senyuka manje. AmaZwi aKho onke ayiqiniso. Futhi manje, nakhu sisekupheleni komgwaqo, phandle ngqo, sikhothoza emasimini lapha, sithola utshani obomile bokugcina kulemvuselelo yokugcina.

208 Manje, Baba, sikanye futhi, futhi, kulezizimpambanandlela ezinkulu zomhlaba lapha, kulobubusuku, eChicago, e-Illinois. Yeka ukuthi abantu ukulangazelele kanjani ukuthi, "O, uma bekunganyakaziswa, uma bekunganyakaziswa!" O Nkulunkulu, lelofolishi le-atomu eligijima phandle lapho emgwaqeni alisoze lanyakaziswa; liyonyakaziswa ngebhomu le-athomu. Kodwa iBandla laKho linyakaziswe kakhulu kunanini ngaphambili, libone izinto eLingakaze lizibone, futhi akukho-bandla emva kwalo ekubonile, selokhu uKristu waba semhlabeni. Lunyakazisiwe, Nkosi, abantu baKho bangempela ukholiwe ngayo yonke inhliziyo yabo.

209 Manje, sekuyisikhathi sokuba kufike uguquko, isomiso esikhulu, isomiso sokomoya ukuba sishaye izwe, bese-ke kuba ngukuFika kukaKristu. Ngikhulekela ukuthi Uzopha, Nkosi, kulobubusuku, ukuthi lesi esinye futhi isikhathi, ukuze iVangeli . . .

210 Futhi mhlawumbe kungahle kube nesihambi phakathi kwethu. Uma lowomuntu elapha kulobubusuku, futhi ephumile ngaphansi kweGazi, ngiyakhuleka, Nkulunkulu ukuthi kukhona okuzokwenziwa, ukuthi Uzokwenza okuthize kulobubusuku, njengoba Wenza ezansi lapho e-Emawuse, ngalesosikhathi, futhi ufakazise isibonakaliso kubantu, njengoba Wenza nje ngaphambi kokubethelwa kwaKho, ukuze bazi ukuthi UnguJesu ofanayo ovukile kwabafileyo, futhi ulapha kulobubusuku.

211 Ngiyazinikela nomlayezo ophumile, noKristu okhona, kuNkulunkulu uSomandla, ukuba inkonzo yaKhe iqhubeke. EGameni likaJesu, kwangathi abaningi bangasizwa. Amen.

212 Manje, eGameni likaJesu Kristu, ngithatha bonke omoya phakathi lapha babe ngaphansi kokulawula kwami, ngenxa yenkazimulo kaNkulunkulu. Manje, thembekani, khulekani. Yiba nokukholwa nje.

213 Manje, asizukubiza amakhadi omkhuleko phezulu lapha, ngoba angicabangi ukuthi sinawo phakathi lapha, bangahle babe nokuhamba kancane ngezikhathi ezithile. Sekuleyithi ngempela empeleni, umugqa womkhuleko uyabumbeka, sekwedlule isikhathi, sekuyihora leshumi nqo manje. Kodwa ngifuna ukusho okuthize, nonke nina bantu phandle lapho owaziyo ukuthi ngiyisihambi kini, futhi uyagula, futhi uyakholwa ukuthi uKristu ungumPristi oMkhulu, ukuthi Wangithumela lapha ukuba nje ngu—ngumVini, Ngiqonde igatsha eMvinini, uyakholwa ukuthi uma ubungaMthinta, Ubeyokhuluma ngami futhi enze umsebenzi ofanayo, phakamisa isandla sakho, uyazi ukuthi angikwazi. Ngiyabonga.

214 Manje, bheka ngapha. Udaba olulodwa belifanele likufakazise, kodwa ake sibe nabathathu okungenani. Ngifuna nikholwe ngayo yonke inhliziyo yenu. "Uma ukholwa, konke kungenzeka."

215 Angi . . . Wena uthi, "Yiluphi uhlangothi ukuqala, Mfowethu na?" Angazi, ngukuthi yiluphi uhlangothi *A*qala ngalo, lapho Aqala khona, ngingahamba kuphela lapho Ehamba. Niyabo? Ngifanele nje ngibhekisise, futhi noma yikuphi lapho kuqala khona, ngibhekisisa i—into ethize, wugcobo. Manje, ngilapha, uNkulunkulu uyazi. Niyabo? Kodwa phambi kweZwi laKhe ukuthi a—anginazi. Ngazi abantu ababili noma abathathu, oyedwa ohlezi khona *lapha*, noma ababili. Ngicabanga ukuthi lowo nguDadewethu Downing, ngabe kunjalo na? Ngicabanga ukuthi kunjalo. Niyabo? Ngiyayazi lendoda ehlezi *lapha*, uMfowethu noDadewethu Dauch *laphaya* ekhoneni, ababili behlezi *lapho*.

216 Ngizozama ukuzigcina ngibafulathele. Ngisho noma . . . Ngiyodingeka ukuba . . . Uma Eza phezu kwabo, ngiyodingeka ngisho lapho, ngoba yilokho kuphela engingakusho. Bangaki okholwayo, ngaphambi kokuba kwenzeke noma yini, uyakholwa ukuthi kuyiqiniso na? UNkulunkulu akubusise.

Uyakubona lokho, Sathane na? Ungumqambimanga!

217 Wena uthi, "Ngabe uyakulinga kanjalo, Mfowethu Branham na?" Ngani, impela yena umile, uzama ukungilinga. Uma ekulinga, ucabanga ukuthi wenzani kimi, lapha na?

218 Ohlezi khona emuva lapho, kukhona indoda ekhulekela umntwana, ehlezi eceleni lapho, kukhona okungalungile ezinyaweni zayo. Kunjalo, akunjalo na? Angikwazi, uyisihambi kimi. Kodwa, Mnu. Farmer, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzomphulukisa umntwana futhi amsindise na? Uma ngiyisihambi kuwe, phakamisa izandla zakho *kanjalo*. Ngabe

yilokho obukhuleka ngakho na? Ngabe yilokho igama lakho eliyikho nakho konke ngakho na? Phakamisa isandla sakho nje. Unaso isicelo sakho.

219 Kukhona inenekazi elihlezi khona lapha. Linesifo samathambo, linotwayi endlebeni yalo. Nkk. McGill, sukuma ume ngezinyawo zakho uma lokho kunjalo. Uma ngiyisihambi kuwe, vayizelisa isandla sakho. Vayizelisa isandla sakho uma ngi. . .siyizihambi. Unaso isicelo sakho. Hamba uye ekhaya, uKristu uyakusindisa.

Phambi kukaNkulunkulu uSomandla, angikaze ngibabone labobantu empilweni yami. Ngiyanicela ukuba nikholwe. Yibani nokukholwa nje, ningangabazi.

220 Emuva le lapha, ekugcineni kohlu, emuva le ngasemuva, inenekazi elihlezi lapho linenkathazo yamaphaphu, likhathazekile ngakho. Nkulunkulu, ngisize ngimazi. Nkk. Miller, sukuma futhi wemukele ukuphulukiswa kwakho, uJesu Kristu uyakusindisa. Uma unguye, futhi ngiyisihambi kuwe. . .Unalo ikhadi lomkhuleko, Nkk. Miller na? Awunalo na? Awulidingi. Kulungile. Hamba uye ekhaya, usinde, uJesu Kristu uyakusindisa.

221 Lelonenekazi, inenekazi eliyikhaladi, elihlezi emva kwakhe ngqo, emuva ngqo laphaya e. . .ngalendlela ukusuka kimi, line—nesimila, ulungiselela ukuya esibhedlela uyohlinzwa, noma bafuna ukwenze. Inenekazi elincane, ngiyalibona nje phakathi kwamadoda amabili amhlophe. Sukuma, nenekazi. Ngiyisihambi kuwe, angikwazi. Unalo ikhadi lomkhuleko na? Awunalo. Angikaze ngihlangane nawe empilweni yami. Siyizihambi omunye komunye. Uma lokho kunjalo, vayizelisa isandla sakho *kanje*. Engikutshele khona kuyiqiniso na? UJesu Kristu uyakuphulukisa. Hamba uye ekhaya futhi wemukele ukuphulukiswa kwakho.

Uyakholwa na?

222 Lapha, bhekisisani lowomoya wedemoni, nakhu kuza kuthi ngqu ngale ngapheseya lapha, lobo bumnyama buhlala ngqo kulona wesifazane lapha, omunye wesifazane oyikhaladi ohlezi khona lapha. Unalo ikhadi lomkhuleko, nenekazi na? Awunalo. Awulidingi. Nawe unesimila futhi. Ufuna ngikutshele ukuthi sikuphi na? Lisehlombe lakho lesokunxele, phansi ohlangothini lwakho nasenqulwini. Kunjalo, akunjalo na? Kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho.

223 Nkk. Holtzmaster, emuva lapho ukhala, ucabanga ukuthi unomdlavuza, kodwa u—uzoba kahle. UNkulunkulu akubusise. Sukuma. Angikwazi. Uyawesaba umdlavuza, awuwesabi na? Kodwa ukushiyile, sekulungile.

224 Awusho, ungangenzela umusa, Dadewethu, ukuthi uNkulunkulu ukwenzele owodwa na? Siyizihambi, asisizo na? Beka isandla sakho kulowo wesifazane osemva kwakho, mbize

ngoNkk. McAllister, akangazi, McAllen, njalo. Unenkathazo ngekhanda lakhe, kodwa kuzomshiya, futhi uzoba kahle. Akezwa kahle kakhulu. Kulungile. Sekuphelile konke manje, Nkk. McAllen, ungaya ekhaya nawe. Uyakholwa ukuthi uJesu Kristu manje uyakusindisa na? Kulungile. Khona-ke iya ekhaya, uphiliswe.

225 Bangaki abaMkholwayo manje, ukuthi UnguJesu Kristu na? Sekuyisikhathi sokuvuka enkundleni. Sekuyisikhathi sokukholwa ngayo yonke inhliziyo yakho. Niyakukholwa na? Bangaki abazoMemukela manje njengoMphulukisi wakho na? Unqamule isakhiwo, emuva naphambili, engena ephuma, phambili nasemuva, ekukholwa. Uyakukholwa ngakho konke okwakho—konke ukukholwa kwakho ongakwenza na? Yima ngezinyawo zakho eGameni likaJesu Kristu futhi wemukele ukuphulukiswa kwakho. Phakamisani izandla zenu.

226 Phindani emva kwami: "Nkosi, ngiyakholwa, ukuthi Wena uyiNdodana kaNkulunkulu. Ngiyakulahla ukungakholwa kwami. NgiyaKwemukela njengoMsindisi wami, ngiyaKwemukela njengoMphulukisi wami, ngiyaKwemukela njengeNkosi yami. NgiyaKukholwa manje Nkosi, kusukela manje kuqhubeke, ubufakazi bami abusoze bube ngokuphambene, ngizoKudumisa, eGameni likaJesu Kristu."

Manje, phakamisani izandla zenu futhi niMdumise, futhi konke sekuphelile.

227 UNkulunkulu akubusise, ngininika ilunga.

